# IWUNDLU NEJUBA

Nkosi enomusa, siyabonga ukuza phambi kwaKho futhi, kulobubusuku, ngokubonga ezinhliziyweni zethu, ngalokho esikwaziyo ukuthi Wena ukwenzile, nangokukholwa ukukholwa ukuthi Uzoqhubeka ukusenzela okwedlulele, ngokuchichimayo. NgiyaKubonga ngalokho okugxilise enhliziyweni yami kulelogumbi lezigameko eziphuthumayo njengamanje, phezu kwalabobantu abampofu, abagulayo, nabafayo. Ngikholwa ukuthi Umise ukufa emizuzwaneni embalwa nje edlule, Nkosi. Ngiyajabula ngalokho.

2 Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzomisa ukufa nokugula phezu kwalesi sakhiwo kulobubusuku, yonke indawo, kwangathi kungebebikho obuthakathaka phakathi kwethu ekupheleni kwenkonzo. Siphe ukunqoba, Baba. Busisa abantu baKho, ndawo zonke. Busisa abefundisi, abelusi bakho bezimvu bomhlambi. Sikhulekela ukuthi Uzokhuthaza izinhliziyo zabo kakhulu, baqhubekele phambili, Nkosi, beshumayela ukubonakaliswa okugcwele kukaMoya. Siphe khona, Nkosi. Busisa lonke ibandla nawo wonke umuntu, thola udumo kuWe uqobo.

3 Nanka amaphasela amancane amaningi, abekwe lapha, Baba, angamaduku neziqephu ezincane zezimpahla, abazibeke phezulu lapha ukuba kukhulekelwe. Siyafundiswa eBhayibhelini, ukuthi—ukuthi bathathe emzimbeni kaPawulu oNgcwele amaduku nezindwangu, nemimoya emibi yaphuma kubantu, futhi baphulukiswa ezifweni.

4 Futhi asisuye uPawulu oNgcwele, kodwa UsenguJesu, futhi—futhi ngiyakhuleka, Baba, ukuthi njengoba abantu bebenokukholwa ukwenza lokhu, siphe ukukholwa ukuba sikholwe ukuthi isicelo sabo sizophendulwa. Kwangathi zonke izifo lamaduku azimele, kwangathi singabaleka kumuntu masinya nje lapho amaduku esebekwe phezu kwabo. Sindisa abalahlekile kulobubusuku, Baba, phulukisa abagulayo, zitholele udumo kuWe uqobo, ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

5 Ningahlala phansi. Sijabule kakhulu, impela, ukubuyela esakhiweni kulobubusuku nabazalwane bethu, kanye nani bantu lapha ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu. Ngithemba, kulobubusuku, ukuthi sizoba nokunqoba okukhulu kulobubusuku, ngiyezwa ukuthi sizoba nakho, ngandlela thize. Futhi ngi. . . Sibe nesikhathi esihle kakhulu izolo kusihlwa. Amandla kaMoya oNgcwele, o, mina, ngithokoza nje kalula konke. . . angilalanga nhlobo emva kokuba sengifike ekhaya, ukucabanga nje ngoBukhona beNkosi bushaya nje bukhipha

isitha, bungenisa ukunqoba. Futhi ngibona abantu bengena ekufuneni umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, nezinto ezinkulu zenzeka, inkazimulo kaNkulunkulu phezu kwabantu, lokho kuyangikhuthaza.

6 Niyazi, ngangivame ukwelusa iFirst Baptist Church eMilltown, e-Indiana. Ngangihlala nabanye abantu phandle ezweni lapho ngangizoba sezansi lapho okokwami, ngokuvamile kwakufana nesekethe, futhi ngangibamba imvuselelo, ngangivame ukuhlala nabanye abantu ababizwa ngoWright.

7 Futhi ngangimangele njalo, angazi ukuthi ninazo lapha noma qha, inyoni inightingale noma inyoni ebhuqayo, nezwe lakithi ligcwele zona. Bengicabanga ukuthi zazingilandela kuyo yonke i-United States, nomaphi lapho ngiya khona, ziyalandela. Ngiyaphuma ukuyosika utshani bami egcekeni, ngani, ngivule umsakazo wami, leyo ama-nightingale, nezinyoni ezibhuqayo, nazo zonke izinyoni zicula, ngi—ngicabanga ukuthi lowo ngumsakazo kaNkulunkulu, owedlula yonke engake ngawuzwa empilweni yami, ngukuzwa izinyoni.

8 Futhi iningi labafana lijikijela izinyoni ngamatshe, kodwa ngiyabacabanga laba ababili behlezi lapha esihlalweni esingaphambili bebengeke bajikijele izinyoni ngamatshe. Nje nginga...Qhabo, mnumzane. Futhi qinisekani ukuthi aniwajikijeli ngamatshe amarobini ami amancane, niyabo, ya, irobini yinyoni yami. Senake nayibona enesifuba esibomvu na? Niyazi ukuthi lokho kwaba bomvu kanjani na? Ngizonitshela, ukuze ningayijikijeli ngamatshe.

9 Ngolunye usuku, kwakukhona uMuntu efa esiphambanweni, wonke umuntu wayeMshiyile, izandla zaKhe zabethelwa esiphambanweni, izinyembezi ezinosawoti neGazi kugeleza ebusweni baKhe, ukukhafulelwa kwehla emzimba wakhe, futhi Wabethelwa lapho. Nenyoni encane, inyoni encane ensundu yaMzwela kakhulu, yayilokhu endizela ezandleni zaKhe futhi izama ukudonsa ikhiphe izipikili, indizela ezinyaweni zaKhe futhi izama ukudonsa ikhiphe izipikili. Niyazi ukuthi kwenzekani na? Yathola isifuba sayo esincane sonke sibomvu yiGazi, futhi kusukela ngaleyonkathi ibe nesifuba esibomvu. Awufuni ukuyijikijela ngamatshe, uyafuna na? Qhabo, qhabo.

10 Futhi ngiyethemba nje ukuthi lapho sengiyohlangana naYe, nami, ukuthi isembozo sami siyoba yiGazi phezu kwesifuba futhi, ngizama ukudonsa ngikhiphe izipikili. Ngicabanga ukuthi sonke sizizwa ngaleyondlela, asizizwa na? Kwakuyizono zami ezaMbeka lapho, ngifisa sengathi ngabe nganginendlela ethize engangingakususa ngayo, kodwa Wadingeka angifele.

11 Lezizinyoni ama-nightingale amadala ayevame ukuhlala phandle lapho, futhi acule ngesikhathi sasebusuku, futhi, njengoba bengingena. Ngatadisha inyoni inightingle, ngiyathanda ukutadisha imvelo, njengoba nazi ukuthi

ngiyayithanda imvelo, futhi ngangitadisha ngenyoni inightingale. Ngezinye izikhathi ngobusuku obunesiphepho ngempela iyohlala phandle lapho futhi iyolokhu nje ibuka phezulu, futhi kuthi nje ingabona amafu amnyama edlula, uma ingathola iso layo enkanyezini eyodwa encane izoqala ukucula, ngoba iyazi ukuthi ilanga liyakhanya ndawondawo, kubonisa ilanga, inkanyezi, inyanga, nokunye nokunye.

12 Ngakho inqobo nje uma ngingabona umhlangano omuhle njengayizolo ebusuku, ngingaqhubeka nje nokucula, ngoba ngiyazi ukuthi iNdodana iyakhanya ndawondawo, ukuKubona kubonisa emuva emhlabeni, inkazimulo kaNkulunkulu.

13 Manje, nina eninamaBhayibheli enu futhi ningathanda ukufunda kanye nami, asiphenye kuJohane oNgcwele isahluko 1.

14 Futhi manje, kusasa ebusuku, ngethemba ukuthi wonke umKristu uletha umngane oyisoni nabo kusasa ebusuku. Uma iNkosi ithanda, ngithemba ukuthi kusasa ebusuku kuzoba ubusuku ukuthi uMoya uzopha izinto ebengizikhulekela kanzima kakhulu selokhu ngibe semhlanganweni.

15 Bese kuthi-ke, ngeSonto ntambama, si—siyavala lomkhankaso, futhi ngizosho ukuthi kube yisikhathi esikhulu kimi, isikhathi esimangalisayo, ngikujabulele ngempela lokhu ukuhlala, ukuthi ngilinde isikhathi eside kakhulu ukuba ngize eYakima. Futhi uma ungenalo ibandla ongaya kulo, ibandla lakho alinayo inkonzo ngeSonto ntambama, qiniseka ukwethamela kanye nathi, futhi siyojabula ukuba nawe ukuba ukhuleke kanye nathi, futhi usisize endleleni. Ubukhona bakho busho okukhulu kakhulu kithi, futhi—futhi-ke uzoba lapha ukuba ukhuleke, nokusisiza kanye nabanye.

16 Ubusuku ngabunye, sizama ukukhulekela abagulayo. Uma kungekuningi kakhulu ngingasukuma emgqeni, futhi, ikakhulukazi kuleyomibono futhi ngineqiniso amakholwa ayaqonda. Lona sekuthi nje akube umzuliswano wokugcina, uma ngingabuya futhi ngesinye isikhathi eYakima, ngeke ngikhulekele abagulayo kanjalo, kuyoba ngale kwalokho. Niyabo? Sekuthi nje akube umzuliswano wokugcina wakho, ngiyakuzwa njengoba uqala ukuphuma, sekuzungeze umhlaba ngokuphelele, kathathu noma kane manje. Ngakho yi. . .ngeke kube yisikhathi eside kuze kuba leyonkonzo izobe ihamba, futhi kuzoba ngentsha ezoba ngaleya kwale.

17 Futhi njengoba ngangilapha okokuqala, Kwanitshela ukuthi *lena* yayiza, (Bangaki osesakhiweni, owangizwa ngimemezela lokho emuva le ezinsukwini zasekuqaleni na? Phakamisa izandla zakho, noma ngabe ukuphi. Impela. Niyabo?), emuva le ukuthi lena iyofika, ngabe yafika na? Ngayo impela nje indlela Athi kuyokwenza. Manje, kukhona enye ezayo ezoba kude ngaleya

kwalena, futhi iyoba nkulu, ngiqinisekile. Ngifisa sengathi bengazi ukuthi ibiyini, kodwa angazi, ngiyazi nje ukuthi kuyeza.

18 UJohane oNgcwele isahluko 1, futhi asiqale evesini lama 29 ukufunda ingxenye nje ye, ukudonsa indikimba kuyo:

> *Ngakusasa uJohane wabona uJesu eza kuye, futhi* wathi*, Bheka, iWundlu likaNkulunkulu, elisusa isono sezwe.*
>
> *Nguye. . .ebengithi, Emva kwami kuza umuntu owavela ngaphambi kwami: ngokuba wayekhona kuqala kunami.*
>
> *Nami bengingamazi: kodwa ukuze abonakaliswe ku-Israyeli, ngalokho ngizile ngibhaphathiza ngamanzi.*
>
> *UJohane wafakaza, wathi, Ngabona uMoya ehla ezulwini njengejuba, wahlala phezu kwakhe.*

19 Kulezizifanekiselo, kulobubusuku, ngithanda ukuthatha indaba ethi *IWundlu NeJuba*.

20 Niyazi, imvu iyisilwane esizwelayo kakhulu nesiyinqaba. Futhi, niyazi, imvu ayizange icelwe ukuba ikhiqize uvolo, yacelwa ukuba ithele uvolo, ngoba iyimvu. Futhi inqobo nje uma iseyimvu iyothela uvolo, ngoba leyo yimvelo yayo. Futhi kunjalo ngeBandla lamaKristu, asizange sicelwe ukuba sikhiqize izithelo, sacelwa ukuba sithele izithelo.

21 KwabaseGalathiya 5 bathi, "Isithelo sikaMoya siluthando, ukujabula, ukukholwa, ukuthula, ukubekezela, ubumnene, ububele, ukubekezela." Lezi azifanele zikhiqizwe, zifanele zibe yimikhiqizo evela ngaphakathi iphumele ngaphandle. Ukuphila kwangaphandle esikuphilayo, kufakazisa lokho okungaphakathi.

22 Manje, sizamile ukukhiqiza lokhu, ukukhiqiza izithelo zikaMoya, futhi njalo siphenduka ukuzenzisa, ngoba awukwazi ukukhiqiza ubuKristu, kuyisehlakalo ngoMoya ohlala kuwe, futhi uthela isithelo saWo uqobo, ungeke wasikhiqiza. Sizamile ukukufundisa, nokukuhlela, futhi lapho sikwenza siphendukela ekuzenziseni nokwehluleka. Akufanele kwenziwe ngaleyondlela, kufanele kwenziwe njengoba uNkulunkulu ayehlosile ukuba kwenziwe—kwenziwe, uMoya ngaphakathi kwethu uthela izithelo zoBukhona baWo. Lolo wuhlelo lukaNkulunkulu, alusoze lwaguqulwa.

23 Futhi lokhu, kulobubusuku, yindikimba engejwayelekile kabi kabi, kodwa uNkulunkulu akajwayelekile, futhi Wenza izinto ngendlela engejwayelekile, ngesikhathi esingejwayelekile, nabantu abangejwayelekile, Akajwayelekile ngakho konke. Futhi ngicabanga ukuthi lesi ngesinye sezehlakalo ezishaqisayo kakhulu zayo yonke imiBhalo, ngenkathi kwamthokozisa kakhulu uNkulunkulu, ukuthi ngenkathi Efuna ukufanekisela iNdodana yaKhe emhlabeni, yayibizwa ngeWundlu, "iWundlu

likaNkulunkulu elisusa isono sezwe." Kwase kuthi-ke ngenkathi Yena, uNkulunkulu, wayezozifanekisela Yena uqobo Wayemelelwe yiJuba.

24 Manje, uma nizoqaphela, kuzo zonke izidalwa ezizulazula emhlabeni akukho lutho olumnene noluzothile njengewundlu, akukho lutho olumsulwa njengewundlu, elimnene, elizothile. Futhi ngejuba, akukho-nyoni efuywayo endiza emoyeni wamazulu, emnene futhi ezothile njengejuba. Yinyoni ezwela kakhulu kunazo zonke izinyoni; newundlu lizwela kakhulu kunazo zonke izilwane.

25 Ngakho-ke, uma nizoqaphela, iwundlu nejuba kunemimoya efanayo nezimvelo ezifanayo. Ukuba bekungebe ngaleyondlela, ukuba bekukade kukhona igwababa elandiza lehlela ewundlwini, iwundlu belingeke likumele lokho. Futhi uma i—ijuba belindizele phansi phezu kwempisi, ijuba belingeke likumele, izimvelo zazo zazingafani. Ngakho kwakufanele kube yiwundlu nempisi, noma, iwundlu nejuba kufanekiselwe ndawonye, uNkulunkulu neNdodana yaKhe, ukuze bakwazi ukuhlala ndawonye.

26 Manje, bengihlala ngizibuza ukuthi kungani uNkulunkulu eke wasimelela njengamawundlu, siyizimvu zedlelo laKhe. Uma niqaphela, iwundlu lingesinye sezilwane ezingavamile kakhulu, lelowundlu alikwazi ukuthola indlela yalo yokubuyela emuva lapho lilahlekile. Ngifuye izimvu, futhi dedela imvu ilahleke, iyoma lapho futhi ikhale ize ife, ayikwazi ukuthola indlela yayo yokubuyela emuva, izofanele ibe nomelusi wezimvu ukuba ayihole ibuyele emuva.

27 Futhi asisoze sathola indlela yethu yokubuyela emuva nganoma iyiphi enye indlela kodwa ngoMelusi wezimvu. Uhlanga lwesintu lulahlekile, sidinga ukweluswa kwezimvu sibuye. Asikwazi ukuthola indlela yethu yokubuyela emuva ngezinhlelo zemfundo, asikwazi ukuthola indlela yethu yokubuyela emuva ngesayense, asikwazi ukuthola indlela yethu yokubuyela emuva ngezinkolo, yinye kuphela indlela yokubuyela emuva, futhi leyo ingoMelusi wezimvu.

28 Ijuba, liyinyoni engejwayelekile impela, ijuba yiyona nyoni kuphela esazi ngayo ukuthi ayinayo inyongo. Ijuba alinayo nhlobo inyongo, zonke ezinye izinyoni zinenyongo, kodwa alinanyongo, ngakho ejubeni akukho-kubaba. Futhi kuNkulunkulu akukho-kubaba, noma kulowo iJuba elihlala kuye futhi lihole, akukho-kubaba. Manje, ijuba, isizathu sokuba lenziwe kanjalo, kungenxa yohlobo lokudla kwalo. Manje, lalingenakudla izinto ezidliwa yinqe, ngoba kwakuyolibulala khona lapho.

29 Futhi enye into engingathanda ukuyikhuluma ngejuba, khona lapha, ukuthi ijuba lingenye yezinyoni ezihlanzeke kunazo zonke ekhona endiza emazulwini. Ayikho into ehlanzeke

njengejuba, futhi alidingi ukuba liqaphele ngakho, umzimba walo ukhipha amafutha aya ezimpapheni zayo futhi njalonjalo aligcina lihlanzekile.

30 O, isifanekiselo esinje pho, ukuthi ikholwa linamaFutha kaMoya ahlala kulo, agcina izimpaphe zalo zihlanzekile! Uthuli nezinto akulikhathazi ijuba, umzimba walo omncane unamafutha, futhi avimba uthuli nezinto, ageleza njalo njalo. Futhi lapho lindiza uthuli lundiza lusuke kulo, lungeke lunamathele kulo, ngoba lamafutha athize avela kulo ngaleyonhloso, nothuli ngeke lunamathele kulo. Isifanekiselo esinje pho!

31 O Nkulunkulu gcwalisa isibani sami kulobubusuku, ngalolohlobo lwamaFutha, ukuthi izwe nazo zonke izinjabulo zalo, nengcebo yalo, nobukhazikhazi balo obukhulu ngeke bunamathele kithi, ukuthi sizokwazi ukukulahla ngamaFutha avela ngaphakathi, esebenza ukugcina iBandla lihlanzekile.

32 Njengoba iculo elidala lalivame ukuthi, "Nginike amaFutha esibanini sami, ngigcine ngikhanya." UNkulunkulu ufaka amaFutha aNgcwele ngaphakathi. Amafutha eBhayibhelini amele uMoya ugcina iBandla lihlanzekile.

33 Futhi nokho, ijuba liyinyoni efuywayo, liyi, inyoni nje, nejuba limelelwe eBhayibhelini kusukela le kuGenesisi kuya eSambulweni. Ngiyifundisise kakhulu inyoni. Ezweni lakithi futhi cishe kuzo zonke izifundazwe eNhlanganweni liyinyoni engcwele. Asivunyelwe ukulizingela, kodwa kwezinye izifunda bavunyelwe ukulizingela; bengingasoze ngadubula elilodwa. Kodwa liyinyoni engcwele esifundeni sakithi, bebeyokunika inhlawulo yamadola ayikhulu uthi nje ungabulala elilodwa, liyinyoni engcwele.

34 Manje, emkhunjini ijuba negwababa kuhlezi othini olufanayo, zombili zaziyizinyoni, enye yayikwazi ukundiza lapho enye yayindize khona, enye yayingenza nje noma yini enye eyayingayenza, kodwa ngenkathi zidedelwa ukuba zithathe ukukhetha kwazo, badedela ijuba kuqala, nomfo omncane wandiza, neBhayibheli lathi, "Akatholanga kuphumula kwamathe ezinyawo zakhe." Ngaso sonke isikhathi lapho ayengathola khona into ayezohlala kuyo, kwakuyisidumbu esifile, into efile endala yezwe, futhi wayengeke akhanyise kulokho. Ngani, kwakuphambene nemvelo yakhe.

35 Futhi uma umuntu eke wazalwa enalowoMoya weJuba kuye, angisho ukuthi angeke asuke, kungahle kwenzeke into ethize uyondiza akhululeke aye ndawondawo, kodwa uma ngempela wayenalowoMoya weJuba, angeke athole ukuphumula komphefumulo okuye. Mhlubuki, ungumuntu olusizi kakhulu emhlabeni, ungeke wathola injabulo, noma kuphi. Uyozwakala sengathi, ubufakazi bakho njengoba uPetru wathi, "Singaya

kubani na? Singayaphi na? NguWe kuphela onamaZwi okuPhila okuPhakade."

36 Futhi owangempela, umKristu ozelwe ngokusha ngezinye izikhathi angahle athukuthelele into ethize eyenziwe ebandleni, kuyofaka ushevu emigudwini yakhe, kodwa uma eyijuba langempela, uyobuya, impela nje njengoba uNkulunkulu eseZulwini, uyokwenza, ngoba kukhona okuthize kuye okungeke kumvumele ukuba akhanyise kulezozidumbu ezindala ezifile, aphume aye ephathini yomculo wokuzibinya, noma ijoyinti likabhiya, bavele bamnukele nje, kunoma yimuphi umKristu ozelwe ngokusha, abakwazi nje ukukumela, ngoba akananyongo kuye ukugaya into enjalo.

37 Yebo, kodwa ngenkathi bededela igwababa, o, lalijabule nje ngakho konke, lindiza lisuka kwesinye isidumbu esifile liya kwesinye futhi lidla isisu salo sisuthe; yileyondlela amagwababa enza ngayo. Negwababa lingumzenzisi. Ngiyajabula ninesikhathi sonyaka esivulelekile kulo yonke indawo. Futhi lingumfo omubi kabi, ophile isikhathi eside, kodwa angahlala phansi esidunjini esidala esifile, futhi adle nje njengoba efuna, futhi andize aphumele ngqo ensimini futhi adle ukolo nejuba. Kodwa ijuba lidla ukolo alikwazi ukundiza libuyele emuva futhi lidle naye.

38 Ngakho, umzenzisi angaya esontweni, futhi amemeze, futhi aqhubeke, futhi afake igama labo encwadini, aphume futhi ajabulele imidlalo yamakhadi, ukuphuza, ukubhema, ukudansa, umculo wokuzibinya, nazo zonke lezozinto, futhi abuyele esontweni futhi adle uKudla okuvela esontweni.

39 Ngamangala ngalokho ngesinye isikhathi, ngabona umbono, kwabonakaliswa kanjani ukuthi i . . . Kwaphuma umuntu ehlwanyela ukolo, ngenkathi elele, ngani, kwase-ke kuvela isitha, futhi sahlwanyela ukhula olusakolo, okungokomBhalo. Futhi ngenkathi ukolo umila, futhi u, usuvuthiwe, ukhula lwase lukhulile nalo, ukhula olusakolo.

40 Futhi ngenkathi kufika isomiso, futhi ngenkathi kufika isomiso wonke umuntu wayekhulekela imvula, nelikhulu, ifu elimnyama lafika lase linetha. Futhi ukolo omncane wawubhekise ikhanda lawo phansi *kanje*, waphakamisa ikhanda lawo elincane futhi uqala ukuthi, "O, udumo kuNkulunkulu! Ayibongwe iNkosi ngokuthumela imvula!"

Nokhula oluncane lwagxuma ngokufanayo nje njengoba kwenza ukolo, lwase luthi, "Udumo kuNkulunkulu, haleluya, ngokuthumela imvula!"

41 Ngathi, "Manje, angazi ukuthi ngicabangeni." Khona-ke ngiyabona-ke futhi ukuthi imvula inela abalungile nabangalungile. Imvula yathunyelwa ukolo, kodwa ukhula olusakolo luphakathi lapho lwathola inzuzo yayo, imvula efanayo, kodwa, "Niyakubazi ngesithelo sabo," kwasho uJesu.

42 Akusikho ukuthi silijoyina kangakanani ibandla, nokuthi sethembeke kangakanani kul*okhu*, *lokho*, noma *okunye*, yisithelo sikaMoya esibalulekile, esitshela owesilisa noma owesifazane ukuthi bayini, Into ethize engaphakathi kubo, hhayi ukukhiqiza, kodwa bayaYithwala, ukuPhila okwakukuKristu kukuwe, kuZikhombisa khona uqobo. UJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela aba, okholwayo." Into ethize engakhiqiziwe, efundiswe emasayenseni ezenkolo, kodwa uMoya kaMoya oNgcwele enhliziyweni yomuntu, uthela izithelo nobufakazi bokuvuka kwaKhe namandla aKhe aphilayo.

43 O yebo, ijuba liyinyoni enomoya omuhle. Ngibe nokusebenzana okuningi nawo. Ngesinye isikhathi, ngenkathi ngiyokhulekela uFlorence Nightingale, ukhokhozela wakhe wasungula isiPhambano esiBomvu, futhi unesithombe sakhe lapha encwadini ethiwa *UMprofethi Uvakashela I-Afrika,* ngoJulius Stadsklev.

44 Futhi ngenkathi ngingena eLandani, indiza yama futhi ngabezwa bengimemeza esidlangalaleni e. . .Babenabo bonke abaphelekezeli phandle lapho, nomunye wathi, "Kukhona inenekazi elifayo ngapha, ebhanoyini, lisanda kulethwa livela eNingizimu Afrika."

45 Awu, a—angikwazanga ukuya lapho, angikwazanga ukwedlula esixukwini. Futhi nganginothile ukuba aye ngale, futhi athi sizomyisa kwenye indawo kwathi nje sengihambile futhi ngenza imisebenzi yami ebekiwe yokuba lapho, ngikhuleke, ukukhulekela inkosi, kanjalonjalo. Ngibuyela eHhotela iPiccadilly, khona-ke bengahlangana nami lapho.

46 Futhi ngenkathi ngiya egumbini, kulona wesifazane, wayengibhalele incwadi, uNkosazana Florence Nightingale, futhi wayefuna ngize ngimkhulekele, angikwazanga ukukwenza. Wayesinda kuphela cishe amaphawondi angamashumi ayisithupha.

47 Futhi uma nizoqaphela isithombe, sadingeka sibeke okuthile kuso nga*le*ndlela ukuthola isithombe, UMfowethu Lindsay wakwenza lokho, ngoba nje kwakungumucu omncane wendwangu esabhande phezu kwakhe. Izitho zakhe zazithi azibe zinkulu *kangako* nje nxazonke, phezulu ngasenqulwini, imithambo yayigoqekile. Ukuthi owesifazane wayephila kanjani, angazi.

48 Ngangena egumbini, futhi wayesendaweni yesifunda emva kwendlu yokukhonzela nje, futhi wayekade enabahlengikazi ababili, ngase ngithi, "Ngabe unguNkosazana Nightingale na?" Ngase ngibuka futhi imihlathi yakhe yayishone phakathi, ngasemhlathini wakhe kuphumile, futhi lolohlobo olufana nengxenye eyisikwele yogebhezi lwekhanda, lapho okuhlangana khona ndawonye kwakukhombisa, kungekho-nyama nhlobo.

49 Futhi waqala ukukhala, ngamangala ukuthi kukuphi lapho okwakungaba khona ngisho umswakamo owenele ukuthi angakhala. Wathatha iglukhosi, futhi zonke izibilini zakhe zazisongelwe ngumdlavuza esiswini sakhe. Ukuthi owesifazane wayephila kanjani, angazi. Ngangingaqondi lutho, wayenyakazisa izindebe zakhe, nomhlengikazi wehla ukuba abone ukuthi wayethini, futhi wathi, "Cela uMfowethu Branham ukuba akhuleke kuNkulunkulu ukuba angivumele ngife."

50 O, ngazama ukubamba isandla sakhe, nomhlengikazi waphakamisa ingalo yakhe, futhi wabeka lesosimo esifile samathambo nomsipha ezandleni zami, kubanda ngakho konke, namaqupha namalunga *nje* kubambene ndawonye. Umuzwa onje pho wesidalwa esingumuntu silele kanjalo!

51 Angikwazanga ukumkhulekela ukuba afe ngenkathi ngangilapho ngikhulekela abagulayo ukuba baphile. Ngakho ngacela abefundisi, babeyisikhombisa noma isishiyagalombili ekamelweni, ngase ngithi, "Asiguqe phansi."

52 Futhi eNgilandi, uma noma ubani oke waba lapho, lapho inkungu ingena, ungeke nje wabona lutho, lolo kwakulusuku olunenkungu impela, itekisi yayifanele ihambe nje kancane nje ngakho konke ukuba idlule enkungwini. Futhi kwakukade kukhona igagasi elikhulu layo lingena, sasiseduze nogu, futhi kwakunenkungu kakhulu ngangingabona *nje* ukuthi kwakukhona isihlahla simi ngasefasiteleni.

53 Ngenkathi ngiguqa phansi eceleni kwefasitela, unqenqemba lwaluthi alube phezulu kude *kangako*, ngisho nangobuso bami, futhi ngaqala ukukhuleka. Futhi lapho ngiqala ukukhuleka, "Nkulunkulu uSomandla, Mqalisi wokuPhila okuphakade, uMnikezeli wazo zonke izipho ezinhle. Thumela phezu kwalesi esimpofu, isidalwa esifayo, lapha, izibusiso zaKho."

54 Lapho nje ngiqala ukukhuleka, ijuba elincane landiza langena livela ndawondawo, lahlala phansi kulolunqenqema, liqala ukuhamba liya emuva naphambili, likhala, cishe unyawo olulodwa nje ukusuka lapho ubuso bami babukhona, ngikhuleka. Futhi ngacabanga ukuthi kwakuyisilwane esifuywayo lapho endlini, ngangisanda kuba seNgilandi cishe amahora amane noma amahlanu, futhi ngacabanga, mhlawumbe, kwakuyisilwane esifuywayo nje endlini. Futhi lahamba liya phambili futhi libuye, lehla lenyuka kulolunqenqema oluncane. Kwase kuthi-ke ngenkathi ekugcineni sengikhulekile ngase ngithi, "Amen," futhi ngasukuma, ijuba elincane landiza lahamba.

Futhi ngangizothi, "Ngabe lelo bekuyijuba elifuywayo na?"

Futhi abefundisi wayekhuluma ngokuthi, "Belenzani lelojuba lapho na?"

Awu, ngathi, "Ngabe yijuba elifuywayo na?"

Futhi bathi, “Qhabo.” Babengakaze balibone ngaphambilini.

55 Futhi ngaphenduka ukuba ngibuke owesifazane, nakho kumi phambi kwami kumi owesifazane onamandla, ophilile, ngathi, “ISHO KANJE INKOSI: Uzophila futhi ungafi.”

56 Phenya ikhasi elilandelayo encwadini bese umbuka emva konyaka, uyinesi manje eNgilandi, enamandla, ephilile. UNkulunkulu esimweni sejuba ehlezi efasiteleni, wathumela isithunywa saKhe.

57 Niyayazi indaba yami, intombazanyana yami, umkami ngenkathi befa. Njalo kusihlwa ngangiphumela lapho isikhathi eside ethuneni, futhi ngihlale phezulu lapho, futhi, o, angikwazanga nje ukubayeka, kal’khuni, ngangisengumfana nje, nawo wonke umndeni wami usuhambile, uBilly nje nami abasele. Futhi angizange. . .Ngangiphumela lapho futhi ngihlale ethuneni, futhi njalo ntambama, impela nje njengoba kuba cishe ngelesihlanu nqo, nakhu kuyoza ihobhe elidala, lindiza ehlashaneni, lahlala phezulu kwesinye salezozihlahla zomsedari ezindala phandle lapho, futhi nje likhala futhi licula. Ngiyophakamisa izandla zami, futhi ngidumise iNkosi, kuzwakala njengomoya wehla udabula kulezozihlahla, futhi ucule:

> Kukhona iZwe ngaphesheya komfula,
> Abalibiza ngelimnandi ingunaphakade,
> Futhi sifinyelela kuphela kuloloGu ngesimemezelo sokukholwa;
> Ngamunye ngamunye sizuza iminyango,
> Lapho ukuhlala nabangenakufa.
> Ngolunye usuku bayoshayela wena nami izinsimbi zegolide.

58 Ijuba elincane likhala, kuqala ngacabanga ukuthi kufanele kube ngumphefumulo ongafi we—wentombazanyana yami, kodwa ukuba bekukade kuyiyo ibiyoza ikhulume nami. Kodwa ijuba, uNkulunkulu wazimelela Yena uqobo ngokuba yijuba.

59 Manje iwundlu, manje, ijuba likhipha amafutha ukuze lizigcine lihlanzekile, newundlu linamafuna aphuma oboyeni bemvu ukuvimba isimo sezulu kulo. Futhi sifaniswa namawundlu kaNkulunkulu.

60 Ngifuna niqaphele ukuthi kwakunhloboni yeWundlu leli. LeliWundlu, iwundlu lifanele liholwe, naleliWundlu eliyigugu esicabanga ngalo, Laholwa, “Hhayi intando yaMi, mayenziwe intando yaKho,” laholela ekuhlatshweni.

Ngezinye izikhathi ba. . .Omunye wathi, “Waholelelwani uJesu eKalvari na?”

61 Niyazi iBhayibheli lathi baMhola, baMfaka intambo entanyeni futhi baMhola. Kungani na? WayeyiWundlu

likaNkulunkulu. Wazalelwani emkhombeni na? Ngoba WayeyiWundlu, Wayefanele azalelwe enqolobaneni, WayeyiWundlu, wazalwa eyiWundlu, futhi waholelwa ekuhlatshweni.

62 Wake wazungeza esibayaneni sokuhlabela na? Lapho beya kohlaba imvu yini eziholela enhla eblokhini yokuhlabela na? Imbuzi. Banembuzi lapho ezohola lezizimvu ize ifike ngqo phezulu lapho endaweni ethize, futhi iyogxuma isuke bese idedele imvu iqhubeke ingene. Yilokho obekuhlala kukhona, yilokho okwaMholela ekuhlatshweni kwaKhe, imbuzi. Futhi i. . .

63 Awu, uma uke ufike isikhathi, abahlabi bangitshelile, abahlabi abazihlabile wathi uma bebefanele babulale imbuzi, khona-ke ngempela ikhahlela iqophisana. Kodwa ifuna ukuhola imvu, njalo, iye ekuhlatshweni. Yileyondlela udeveli akwenza ngayo, uhlala njalo ezama ukuholela abantu bakaNkulunkulu ekuhlatshweni, kwihhotelana labahamba ngomgwaqo, iklabhu yasebusuku, ndawondawo.

64 Ngifuna niqaphele, hhayi lokho kuphela, kodwa WayeyiWundlu elivumayo, iWundlu elivumayo. Iwundlu linento eyodwa kuphela, nalokho nguboya balo, uvolo walo kulo, kodwa i—liyiwundlu elivumayo, konke lokho elinakho liyavuma ukulahlekelwa yilokho. Lilahlekelwa nguboya balo, yileyonto kuphela elinayo, kodwa nokho, ngenxa yenu nangenxa yami, lilahlekelwa yilokho elinakho.

65 Manje, uma sizibiza ngokuthi, amawundlu, amawundlu kaNkulunkulu, siyavuma ukulahlekelwa yimibono yethu ukuba silandele uNkulunkulu, siyavuma ukukwenza. Kodwa, o, thina maMelika asikwazi ukuholwa, qhabo. "A, mnumzane, sasuka saya esikoleni, futhi safunda ukuthi kuholwa kanjani, asikwazi ukuholwa. Safunda iPh.D. yethu, noL. ababindwe kabili no D., kanjalonjalo, futhi sazi konke ngakho, futhi siyazi ukuthi kuholwa kanjani, ukuze iJuba lingakwazi ukusihola."

66 Lapho sinalolohlobo lwesimo sokuziphatha, ngani, singeke saholwa, sifanele sihole abantu. Kodwa uNkulunkulu unoMholi oyedwa kwelaKhe. . . weBandla laKhe, nalowo yiJuba, uMoya oNgcwele, unguMholi wabantu bakaNkulunkulu, uMholi. Kodwa lapho sesithola ukwazi okuningi kangako, sazi isayense yezenkolo eningi kangako khona-ke iwundlu lingeke lasihola, ngoba kuphambene nemibono yethu, futhi nje angeke simelane nakho, uzofanele ulahlekelwe umbono ongowakho.

67 Abantu bathi, "O, izinsuku zezimangaliso selwedlule, sakufunda lokho esikoleni. Ngani, siyazi kukhona—kukhona—ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, akukho-Moya oNgcwele njengabantu bePentecostal bethi banawo, lezozinsuku selwedlule, ngafunda lokho esikoleni."

68 UNkulunkulu uzonihola kanjani-ke, nikholwa yinto enjengaleyo na? UNkulunkulu uzokuphulukisa kanjani, lapho ucabanga ukuthi izinsuku zesimangaliso selwedlule na? Angeke nje akwenze.

69 Ngakho-ke siyahambisana futhi sithi, "Awu, yebo, sinamabandla, futhi sinezinhlangano ezinkulu, namahlelo," kodwa bonke benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kodwa bephika iJuba lakho, iJuba eliholayo. Sinezinkolo zethu, futhi sinemibono yethu, futhi asifuni lutho oluxutshwe nakho, bathi, "Angikhathali ukuthi iBhayibheli lithini." Ngike ngaba nabantu abangitshela lokho izikhathi eziningi.

70 Umfo, esikhathini esingeside esedlule, wama futhi wangitshela, wathi, "Angikhathali ukuthi ukuphiliswa okungakanani obuyokuveza, namanje angikukholwa."

71 Ngathi, "Impela, kwakungesikho okwabangakholwayo, kwakungokwabakholwayo." Yilokho kuphela okungokwakho, kungokwabo abakukholwayo, akukaze kuhloselwe abangakholwayo. Futhi uNkulunkulu angahola umuntu kuphela, njengoba ezoMvumela ahole, uNkulunkulu angasebenza kuphela nanoma ubani oyoMvumela asebenze naye. Ngangihlala njalo ngimdabukela uNkulunkulu ezama ukuthola umuntu Angamhola futhi asebenze ngaye.

72 Nganginjalo, esikhathini esingeside esedlule, ngifunda ngoSamsoni, nokuthi kanjani ukuthi leyondoda, wayeyinto ethile efana nenqwaba yanamhlanje, indoda yamanenekazi, noNkulunkulu wayengasoze amsebenzise. Ngani, wayevuma ukunikela amandla akhe eNkosini, kodwa engavumi neze ukunikela inhliziyo yakhe eNkosini. Manje, wayenamandla okuqina amakhulu.

73 Futhi amabandla amaningi namhlanje, azokweboleka amandla okuqina awo eNkosini, "O, impela, sizokwakha inhlangano ezongenisa isigidi, futhi yenze konke *lokhu*, *lokho*, no*kunye*," kodwa abavumi neze ukunikela ngenhliziyo yakho ngenxa yobuholi bobuNkulunkulu bukaMoya oNgcwele ukusiholela emithonjeni yamanzi okuPhila, asivumi neze ukukwenza.

74 Kubonakala sengathi kuyinto el'khuni kunazo zonke kubantu ukuba bangene enhlokweni yabo uMoya oNgcwele *oyiholayo*. "Amadodana namadodakazi kaNkulunkulu aholwa nguMoya kaNkulunkulu," hhayi ababhishobhi, nokhadinali, kanjalonjalo, "ngoMoya kaNkulunkulu," lowo kwakungumqondo kaNkulunkulu. Uma uyiwundlu, uholwa nguMoya kaNkulunkulu.

75 Kodwa ngiyamangala ngesinye isikhathi, ebusweni bakho konke lokhu, uma uNkulunkulu ubengasihola. Ngiyamangala ukuthi asiphendukanga yini siba yizimbuzi esikhundleni sezimvu. IJuba belingeke lihole imbuzi, belingeke *lihole*,

qhabo, qhabo, ifuna ukuhola, imbuzi izohola, kodwa ungeke wayihola. Futhi ngingahle ngikutshele okuthize, mfowethu, ngempela uzofanele ube ngumelusi wezimvu okhaliphe kakhulu uma ungezwa ukukhala kwembuzi nokukhala kwemvu futhi uzehlukanise, zombili zizwakala zicishe zifane.

76 NeBhayibheli lasho ukuthi udeveli ngezinsuku zokugcina lapha, uyohlakanipha kakhulu ukuthi kuyodukisa nabakhethiweyo impela, uma kwakunokwenzeka. Yeka ukuthi uSathane uyongena ngokuhlakanipha kanjani! Bhekisisani nje ukuthi yini elungiselela ukwenzeka manje ngezinsuku zokugcina, bhekisisani lolukhetho nezinto ezizayo, bhekisisani ukuthi uSathane uyokudonsa kanjani lokho, azame ukudonsa loboboya, wakuzama kanye ngaphambilini futhi wehluleka. Uyozama aze aphumelele ukukwenza, uzokwenza. Yebo, mnumzane, uzokwenza.

77 Futhi khumbulani, ngakubikezela lokho ngo 1933, futhi kuyoba ngaleyondlela, futhi, ngokuba ngabona umbono ngaphambi kwesikhathi sokuphela, leyo enkulu, into enamandla yasukuma yagqama e-United States futhi iba njengamabibi, ngakho-ke, kuzokwenzeka. Ngathi, "Izimoto zizofana nokuma kweqanda." Niyazi ukuthi imoto ka 33 yayibukeka kanjani. Ngase ngithi, "Kuyobe zihamba ngisho emgwaqeni, abazukudingeka ngisho ukuba bayiqondise."

78 Sebevele bayikhiphile leyo, ngiyibonile lapha esikhathini esingeside esedlule, iyolawulwa ngokokusagesi, noma ngesigxobo esinozibuthe, ukunqamula ijubane lazo, nokunye nokunye, futhi baphakamise ijubane lazo, azikwazi ukushayana, kanjalonjalo. Futhi nginakho lokho kubhalwe encwadini kusukela ngo 1933. Futhi kuzoba ngaleyondlela, siza kukho manje. Sikukho ngqo, ngoba uMoya oNgcwele yiWo ohola iBandla, futhi uyasexwayisa ngezingozi ezizayo.

79 Manje, siyathola emabandleni ethu, namhlanje, izinto eziqhubekayo. Manje, kwakuvame ukuba yisikhathi eside... Manje, ningangithukutheleli manje, ngifuna ukunikhombisa. Manje, sikhuluma ngokuthi phandle emahlelweni, manje sizofika ekhaya ePentecost kancanyana nje. Sizomangala ukuthi kwenzekeni kubantu bakithi bePentecostal.

80 Niyazi, kwakuvame ukuba yinto embi kabi kwabesifazane bakithi ukugunda izinwele zabo, kwakuvame ukuba kubi kabi. Ngiyakukhumbula lokho, ngibe nabo nje iminyaka embalwa nje. Kodwa manje sekulungile, bagunda izinwele zabo. NeBhayibheli lasho ukuthi izinwele kowesifazane zazingezodumo lwakhe. NeBhayibheli lasho ukuthi uma owesifazane egunda izinwele zakhe, uhlazisa ikhanda lakhe, okungumyeni wakhe. Futhi uma egunda izinwele zakhe, umyeni wakhe khona-ke unelungelo lokulahla lowo wesifazane ohlazisayo. Lokho yizimfundiso

zikaPawulu kwabaseKorinte, ungaphikisana nakho naye. Manje, ngiyazi ukuthi lokho kubuhlungu.

81 Umama wayevame ukusithatha, futhi wayevame ukungitshela, u...njalo ngoMgqibelo ebusuku sasidingeka si, ubhavu omdala womsedari esasiyogezela kuwo. Futhi ngangingomdala kunabo bonke, futhi abayisishiyagalombili bageza kulowobhavu ofanayo ngaphambi kwami, futhi bavele bafake amanzi ashisayo kakhudlwana kuwo. Bese kuthi-ke njalo ngoMgqibelo ebusuku, indlela esasifanele sidle ngayo, sasidingeka sithathe umthamo kakhasta oyela; angikwazi ukukumela, nanamuhla. Futhi ngangiza kuye nje ngibiphise umlomo, ngibambe ikhala lami, futhi ngangithi, "Mama, angikwazi ukumela into!"

Wathi, "Uma kungakwenzi ugule ngempela, akukusizi ngalutho."

82 Yileyondlela ukushumayela iVangeli, uma kungakugulisi kancanyana, kwenze okuthile kuwe, akukusizi kangako. Kodwa lelo yiqiniso. Inqwaba yabesifazane bakithi bePentecostal ubekanjalo ukuthi bagqoka lezizingubo ezindadlana ezincanyana ukuba bagunde igceke, nezinto phakathi, abesifazane bePentecostal bededela amantombazane abo amancane aphume, enza lokho.

83 Bakhuluma ngobuhlongandlebe bentsha, ngubuhlongandlebe babazali, yileyo indaba. Bese-ke bekhuluma ngokungakwazi ukufunda nokubhala kweKentucky, abanye balabo omama abadala phandle lapho, bavumele indodakazi yabo ingene ngendlela abanye besifazane enza ngayo, ngelesihlanu nqo ekuseni, futhi bexovekile phezu kobuso babo, nezinwele zabo zaphuma *kanjalo*, ubeyokha igatsha esihlahleni sehikhori, futhi ubeyokhumula zonke izingubo zayo kuyo nesibhaxu ngakho, bese ubiza lokho ngokungakwazi ukufunda nokubhala. UNkulunkulu uyazi sidinga abanye omama abaningi abanjalo. Kunjalo impela.

84 Nabesifazane bakithi bafika endaweni, bebhema osikilidi.

Wena uthi, "Awu, manje, awume kancane, mshumayeli! Lelo yilungelo lami laseMelika."

Ngiyazi, kodwa uma uyiwundlu, uyolahlekelwa yilo.

"Ngani, ngingowebandla eli*Thize-elinjalo*."

Kulungile, uma uyiwundlu uyolahlekelwa amalungelo akho.

"Ngani, ngibona konke okunye..."

Ya, kunjalo, kodwa wehlukile, uma ungumKristu ufanele wehluke.

Elinye inenekazi lathi, "Angizigqoki izikhindi, ngigqoka amabhulukwe amasleksi."

Ngathi, "Lokho kubi kakhulu." Kunjalo. IBhayibheli lathi kuyisinengiso ukuba owesifazane agqoke ingubo engeyowesilisa.

85 Ngakhuluma lokho komunye wemihlangano ngalokhu, nowesifazane wangibhalela enkulu, incwadi ende, wathi, "Manje, awume," wathi, "wehlela emfundisweni eyenziwe ngumuntu." Wathi, "Uzokwenzenjani owesifazane lapho ephumile egibele ihhashi endaweni egcwele omiyane, eqoqa izinkomo na?"

86 Ngavele ngamphendula ngamtshela nje, ngathi, "Lowo akusiwo umsebenzi wowesifazane. Uma ubengagcina indawo yakhe, ubengeke abe phandle lapho." Kunjalo impela. A-hha. Kunjalo impela. Inkathazo yakho manje . . . Ngiyabathanda odadewethu, futhi kunjalo, ngicabanga ukuthi bakahle, kodwa bebefanele bazazi izindawo zabo.

87 Futhi, niyazi, ngiyakhumbula ngenkathi kwakuvame ukuba yinto embi kabi kwabesifazane bakithi bePentecostal ukuba bafake lobu buqhathanzipho, niyazi, ebusweni babo. Ngathola lokho ngokungesikho, ngihlala ngikuthola ngokungesikho lokho. Ini . . . ? [Umfowethu uthi, "Ukuziphophotha."—Umhl.] Ukuziphophotha, ukuziphophotha. Ubuqhathanzipho yizinzipho zeminwe. Ngabe kunjalo na? Angazi lutho ngaleyonto. Kodwa ukuziphophotha, kwakuvame ukuba yiphutha ukuba owesifazane aziphophothe ngopende, kodwa manje bayakwenza.

88 Niyazi, umfundisi omdala weMethodisti wayevame ukucula iculo,

> Siwise imigoqo, siwise imigoqo,
> Sixegise ngesono.
> Sehlise imigoqo, izimvu zaphuma,
> Kodwa izimbuzi zingene kanjani?

89 Uvele wehlisa imigoqo. Izikhathi eziningi, hhayi lababazalwane, kodwa izikhathi eziningi, abashumayeli bacabanga kakhulu ngethikithi lokudla, kunoma benza iVangeli. Umvangeli uyanqamula . . . Yiba namahloni . . .

90 Manje, umvangeli wangitshela, umvangeli owaziwayo ngoluny'usuku, wathi, "Uzolimaza inkonzo yakho."

Ngathi, "Noma yini ezolimaza . . . Uma inkonzo yami ilinyazwa ngokushumayela iqiniso, ifanele ilimale." Kunjalo.

Wathi, "Uzokwenza abantu bathukuthele futhi ngeke bakunike lutho."

Ngathi, "Angibacelanga lutho." Ngathi, "Into yakho ingukuthi, ukuthi ngoSuku lokwaHlulela, yilapho engizofanele ngiphendule khona."

91 Lalela dadewethu, wayeyedwa kuphela owesifazane eBhayibhelini owake wapenda ubuso bakhe, futhi akabupendanga ukuba ahlangane noNkulunkulu, wabupenda

ukuba ahlangane namadoda, negama lakhe kwakunguJezibele. Kunjalo. Niyazi ukuthi uNkulunkulu wamenzelani na? Wamphakela izinja. Ngakho ubona owesifazane ezipende wonke, ungathi, "Unjani, Nkosazana Nyama yeNja na?" Yilokho impela nje ayikho phambi kweNkosi. Kunjalo impela.

"Awu," wena uthi, "abanye besifazane bayakwenza."

92 Kodwa uma uyiwundlu, lahla amalungelo akho! UNkulunkulu ufuna uphile njengoba owesifazane ebefanele aphile, njengoba inenekazi belifanele liphile. Kuba kanjalo . . .

93 Ngesikhathi sempi, ngenyuka, ngangingumqaphi wezinyamazane, ngangenyuka ngamahlathi, futhi kwakukhona, kuhlezi phansi emuva kwakukhona indoda ethize, yayingumshiseli. Futhi bengiyo . . . Amahlaya angcolile nje ukwedlula onke engake ngawezwa, nga—ngangiphoxeka ngisho ukuhlala lapho nesigejane sendoda. Futhi ngakho, lomfo waqalaza kimi, wayesethi, "Kuyabanda phandle lapho na?"

Futhi ngathi, "Yebo, kunjalo."

Wathi, "Ngabe ungumqaphi wezinyamazane."

94 Ngathi, "Yebo mnumzane, nginguye." Futhi ngithola ukuthi, ohlezi lapho eceleni, kwakungowesifazane oshiselayo, egqoke ama-ovaloli, enamafutha, ipheya elikhulu lezibuko phezulu, emahhadlahhadla, ephuza njengendoda, ebhema njengendoda, ethuka njengendoda. UNkulunkulu akahlosile ukuthi lokho kube ngaleyondlela. UNkulunkulu ufuna owesifazane . . .

95 Ngenkathi uNkulunkulu enza umuntu kuqala, Wamenza kokubili owesilisa nowesifazane emoyeni; Wamenza ngomfanekiso waKhe uQobo, noNkulunkulu unguMoya. Ngenkathi Emehlukanisa futhi emfaka enyameni, Wafaka umoya wobudoda endodeni, nomoya wobufazane kowesifazane, futhi uma noma yini iphambene nalokho, kukhona okuncanyana kwempendukezelo lapho. Impela.

96 Ubona owesifazane ezama ukuziphathisa okowesilisa, kukhona okuthize okuncane okungalungile lapho, ingqamuzana liphambanisiwe ndawondawo. Kunjalo. Ubona indoda isasitabane kakhulu ngangokuthi angeke ishumayele ngokumelene nesono noma lutho olunye olunjalo, ukulimaza umuzwa womunye umuntu, kukhona ukuphambana lapho ndawondawo, futhi, hhayi kuphela ukuzalwa kwakhe kwemvelo, kodwa ukuzalwa komoya. O, esikudingayo namhlanje ngukuthi owesilisa abe ngowesilisa, owesifazane, inenekazi. UNkulunkulu uhlose ukuba babe ngaleyondlela, bagqoke ngokwehlukile.

Uthi, "Usishaya ngesando thina besifazane."

97 Manje ngizonitshela ngamadoda. Noma yiyiphi indoda ezovumela umkayo abheme osikilidi, futhi agqoke lezozikhindi, futhi aziphathe kanjalo, kukhona i*ndoda* encane kakhulu

kuye, ngokubona kwami. Kunjalo. Nginombono wami ngendoda ezovumela umkayo enze lokho, impela ngi—nginawo.

"Awu, yini indaba na?" kusho wena.

98 Awu, mfowethu, nakhu okuyikho: Umuntu akalinganiswa ngamandla okuqina nga*le*ndlela.

"O," uthi, "lowomfo uyi*ndoda*, ungamafidi ayisithupha ubude, unemisipha emikhulu *kangako*."

99 Ngibone abaningi babo besinda amaphawondi angamakhulu amabili, bengamafidi ayisithupha nohhafu ubude, bengenalo i-awunsi le*ndoda* kubo, uphonsa ingane ezingalweni zikamama futhi amudlwengule.

100 Indoda ayikalwa. . . Lokho ngubulwane, lobo ngubulwane, amandla okuqina yikho. Indoda ikalwa ngesimilo. Yayingakaze ibekhona indoda efana noJesu Kristu, ayikaze ilinganiswe naYe. NeBhayibheli lathi, "Kwakungekho-buhle ukuba siMfise." Wayengabukeki njengeNkosi, WayenguMfo omncanyanyana, mhlawumbe eqhothile, emncane, emncane ngomumo, kodwa akaze ibekhona omuntu onjengaYe. Umuntu ukalwa ngesimilo, hhayi ngamandla okuqina anonya.

Awu, wena uthi, "Mfowethu Branham, bonke abanye bayakwenza."

101 Angikhathali ukuthi bonke abanye benzani, uma unaleyonyongo ebabayo kuwe, kukhona okungalungile ndawondawo, uma ungalibekezelela izwe futhi usalokhu uthi ungumKristu, kukhona okungalungile ndawondawo!

102 Ngangidla idina nje, kwakunabafo ababili behlezi lapho, abefundisi, okhololo bephendukezelelwe emuva, futhi bahlala lapho futhi baphuza iziphuzo ezixutshiwe ezintathu noma ezine, unkosikazi nami, nomndeni uhlezi lapho wababuka, baxoxa amahlaya amancane anenhlamba komunye nomunye, baqeda ukudla, wase ehosha isigazu esikhulukazi njenge, sasibukeka njengenkomo enezimpondo ezivulekile yaseTexas enqunywe izimpondo, ehlezi lapho ebhema kuleyonto.

103 Uqonde ukungitshela ukuthi iJuba liyohola lokho na? Qhabo, mnumzane. LeloJuba lingcwele. Haleluya! Faka amaFutha angcwele. Imbuzi ingahle ikwenze lokho, kodwa hhayi iwundlu. Isithelo sikaMoya, lokho akusiso isithelo sikaMoya.

104 Abantu baya kumculo wokuzibinya, bedansa, iYMCA yethu iyakuvumela, futhi bafundisa umculo wokuzibinya. Amaningi amaqembu ethu ebandla athatha isitezi esingaphansi, noma into ethize efana nalena, igumbi lokungcebeleka, futhi bafundise abantu babo umculo wokuzibinya, futhi into izalwa esihogweni, ngumdanso wase-Afrika.

105 Ukudwetshwa kobuso kungumkhuba wobuhedeni. E-Afrika, ngiyisithunywa senkolo, labobantu emuva lapho

abangakaze bazi isandla sokudla nesokunxele, bhekisisani labo besifazane ukuthi bapenda kanjani ngodaka nakho konke, kunjalo impela, ngubuhedeni, ngudeveli, futhi kungena ngokunyenya emabandleni ethu, bese-ke sizibiza ngamawundlu kaNkulunkulu. Ngiyanitshela! Sidinga ukuthola iJuba futhi.

Manje, wena uthi, "Awu, lokho akulungile." Ushumayela lokho ebandleni lakho abanye babo bathi, "O, a—angisophinde ngibuyele emuva futhi."

106 Lithimula njengempisi, lenzani iwundlu na? Lenzani ijuba, uma uthimula njengempisi na? Liyandiza.

"Ngeke ngisakulalela lokho. Umelusi wami eba kakhulu . . . "

107 Awu, ijuba livele lindize khona lapho. Kunjalo impela. Akayikuhlala lapho izwe lixubene khona, ngoba Angeke alimela iphunga lalo. Akakwazi ukukumela, Angeke akudle, Akakwazi ukukubekezelela. Futhi lapho uhamba uyoxubana nezwe, khona-ke iJuba liyandiza.

108 Futhi lapho amabandla eqala ukuthi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Konke lokho kufanele kube yinto ethize yengqondo. Lowo ngudeveli enza lezozimangaliso futhi enza lezozibonakaliso. Kungokukadeveli," khumbulani nje khona manje, iJuba liyandiza, ngokuba iJuba lidla ukuDla kweJuba. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." [Akuqoshwanga eteyipini.]

109 "Lelo yilungelo lami uqobo laseMelika ukwenza njengoba ngifuna. Uma ngifuna isiphuzo esincane sokuzijabulisa nomakhelwane, uma ngifuna ukuphumela ku*lokhu*, futhi ngenze *lokho*, lelo yilungelo lami uqobo."

110 Kunjalo, yilungelo lakho. Manje, uma uzalwa nje ngomoya wobuzwe uzoqhubeka ukwenze, uma uzalwa nguMoya waseZulwini ungeke usakwenza. Kunjalo. Uma ibandla nje lisho ihlelo kuwe uyohlala ebandleni ngqo, futhi uqhubeke ngokufanayo nje, futhi ukubekezelele, kodwa uma uyimvelo yeWundlu, ungeke wakumela.

111 Ungake ucabange nje . . .? Ngibona iwundlu phandle endle, lidla i-alfalfa, futhi liphandle lapho lidla i-alfalfa, nansi i—ingulube *ngapha*, idla ehhashini elifile. Ungathini nje i—ingulube ithi, "Woza ngapha, Mnu. Wundlu, futhi udle kancane nami"? Ngani, iwundlu belingeke likwenze ukuba belifanele likwenze!

112 Manje, angizisoli izoni ekwenzeni lezozinto, ziyingulube, empeleni, lokho akulutho, ngivele ngiziyeke nje ziqhubeke. Uyazibona ezansi lapho ziphuza, futhi ziqhubeka, futhi zithuka, zixoxa amahlaya angcolile, nezinto ezinenhlamba, futhi ziziphathisa okwezwe, futhi zithi, "Angikholelwa entweni

okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu.” Awu, impela, lokho kulungile, uyingulube nje, empeleni, akumangalisi ukumbona kwesidala, isidumbu esifile, inqe elidala.

113 Okungimangazayo, ukubona indoda ezisho ukuthi iyayithanda iNkosi uJesu bese-ke yenza into enjengaleyo, kukhona okungalungile ndawondawo. Kukhona okungahambanga kahle ndawo ndawo. Ngoba uma leloJuba, ngaphambi kokuba leloJuba like lize lingene kulelowundlu, lifanele libe yiwundlu kungenjalo Lingeke lingene kulo. Lingahle likhiqize into efana nayo, futhi lenze sengathi lingumKristu, kodwa uma lingumKristu, lizovumelana nalo lonke iZwi leloJuba elililobe phakathi *Lapha*, liyoholwa yiZwi likaNkulunkulu.

114 Manje, siyathimula futhi siqhume, “Hhe! Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Ngehlela komunye waleyomihlangano emidala, kungcono uqhele lapho, lokho ngokukadeveli. Lowomfo ungumbhuli. Bayabakhohlisa labobantu, yilokho kuphela okukhona kukho.”

115 Lowo ngudeveli omdala ofanayo owathi, “NguBelzabule,” udeveli omdala ofanayo. Uzama ukukudedisa kukho, akuhlole ngeZwi. UNkulunkulu uhlola yonke into ngeZwi. Ukudla kwezimvu kuyiZwi likaNkulunkulu, amawundlu aKhe adla kulamadlelo anomthunzi, aluhlaza.

116 Manje, siyamangala namhlanje ukuthi kungani singabi nayo imvuselelo. Kungani singabi nayo imvuselelo na? Yini indaba, singeke saba nayo na? Yingoba silandela ubuholi obungalungile. Singaba nokunye ukuphenduka okukhiqiziwe nemihlangano eluliwe, kodwa lapho sekufika emvuselelweni yangempela, yini indaba na? Sivumela izwe eliningi kakhulu lingene ngokunyenya emabandleni ethu. Bazalwane, nina befundisi, niyakukholwa lokho na?

117 Kunezwe eliningi kakhulu emabandleni ethu. Uma siyiPhentekoste, masibe yiPhentekoste, asenze njengePhentekoste, asiphile njengePhentekoste, asimele isibusiso sePhentekoste, futhi senze izinto iPhentekoste elasithembisa zona. Asidingi. . .IPhentekoste alisilo ihlelo, iPhentekoste isehlakalo, lokho kungenkathi uba yiwundlu, neJuba liyakubamba, liqala ukukuhola. Yilapho si—siyiPhentekoste.

118 Yilokho okwenzeka phezulu lapho, ngenkathi uNkulunkulu ethumela iWundlu laKhe, futhi Lafela izono zethu, kwase—kwase kuthi-ke iJuba labuya lehla ngoSuku lwePhentekoste, futhi lahola iBandla, uMoya oNgcwele ofanayo ofika phezu kweWundlu lokuqala eJordani, Lowo nguYe ofanayo oholayo namhlanje.

119 Awu manje, lapho uyothimula, futhi uthi, “Ngingu *s’bani-bani*, ngingowa*leli*hlelo, asikholelwa entweni enjengaleyo,”

manje, uMoya oNgcwele ozothile uyoke ukondle kanjani khona-ke na? Khona-ke kukhona okuthile okungalungile. I... Uma...Imbuzi ibingakumela lokho, kodwa hhayi imvu. Imvu, iwundlu lingumntwana kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele uhola abantwana bakaNkulunkulu.

120 Futhi namhlanje, esikudingayo namhlanje ngesinye isehlakalo. Esikudingayo namhlanje ngukubuya futhi kweJuba, futhi lihlale phezu kweBandla, futhi liLihola, futhi livule amehlo ethu, futhi lingene ngaphakathi kithi, ukuze sikwazi ukubona ukubonakaliswa koBukhona baKhe. O, uma sonke besingakwazi, wonke umuntu phakathi lapha sibeke eceleni nje imbuzi endala, umuzwa wokungabaza ukuzwa ukude nathi, futhi makuthi iJuba lingene kulobubusuku!

121 Futhi lapho iJuba, uLizwa libhakuza liyongena enhliziyweni yakho, lithatha indawo yaLo...Alihambanga kude kakhulu, Lihlezi phezulu nje lapho othini ndawondawo, likulindele ukuba ubuye, aLihambanga kude kakhulu, Lizobuya ngqo.

122 Niyakhumbula ngenkathi sasivame ukuba nemihlangano yomkhuleko, eminyakeni eyedlula, futhi sikhuleke ubusuku bonke na? Niyayikhumbula leyomihlangano na? Niyakhumbula ngenkathi kwakuvame ukuba yifeshini endala, ngizwile ukuthi bababiza ngokuthini, abagingqiki abangcwele na? Babehla ekhoneni lomgwaqo futhi bashumayele futhi bakhuleke, nalawo manenekazi, efake lezoziketi ezinde, emi lapho, eshaya isigujana ithamborini, nobuso, nezinwele zidonselwe emuva njengo-anyanisi ohlutshiwe.

123 O, kodwa ucabanga ukuthi omunye walaba ababuka u-*We Love Susie* abasha, uyoke ahambe esitaladini kanjalo na? Ngifanele ngithi qha. Bese-ke ezama ukusho ukuthi uyiwundlu. Wena mbuzi endala! Yini indaba, empeleni na? Niyabo? Kunjalo. Esikudingayo namhlanje ngamanye amanye amawundlu angaholwa, futhi azondle ngeZwi likaNkulunkulu.

"Ngizogqoka ngendlela engifuna ngayo, leyo yindaba yami."

Qhabo, akusiyo, yindaba kaNkulunkulu.

"Ngizonakekela umndeni wami ngendlela engifuna ngayo. Umshumayeli akanamsebenzi wokungitshela lokho."

124 Yebo nginawo, nami. Ubufanele ukunakekele ngendlela uNkulunkulu akutshela ukuba ukunakekele ngayo. Kunjalo, yeka wonke lombhedo. Kodwa asikwenzi. Niyabona ukuthi kuyini na? Siwise imigoqo. Kwenzekeni na? UMoya oNgcwele Undizile. Ngenkathi wena uqala ukwenza kanjalo, uMoya oNgcwele wahamba. Yingalesosizathu lapho Ebuyela ebandleni, uyamangala nje, "Yini indaba na?" Niyabo? A—a—akusilutho ukuthi i...

Ubungathi, "Awu, mhlawumbe bengingeke ngiphume futhi ngenze *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*."

125 Onecala kokuncane unecala kukho konke. Ufanele uzinikele kuNkulunkulu, futhi uvumele uMoya oNgcwele akuhole.

126 Yini isono, empeleni na? Isono ukungakholwa. "Ongakholwa uselahlwe ngecala vele." Kunjalo. Siyizoni, ngoba asisiwo amakholwa. Ngangi . . . Awu, labobapristi emuva lapho ngalezozinsuku uJesu abiza ngazo izoni, nezinyoka, nezinyoka otshanini, noyise wayengudeveli, kanjalonjalo, lawomadoda ahola ngokuhlanzeka njengoba ayekwazi ukuhamba, kodwa ayeholwa yibandla lawo. Ukuba uMoya oNgcwele wawuyowahola, ayeyoMazi.

127 Wathi, "Ukuba benimazile uBaba waMi, beniyakungazi naMi, noma kanjani. Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa." Ngokuba i—iJuba lalikuYe, neJuba lalenza ukubonakaliswa. Nakhu kuza, lungela: NeJuba liphakathi kithi namhlanje, lizoveza into efanayo elayenzayo kuleloWundlu, inkonzo efanayo, izibonakaliso ezifanayo, izimanga ezifanayo. "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo, naYe uyakuyenza, eminingi kunalo Uyakuyenza, ngoba Ngiya kuBaba waMi. Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe."

128 O, isiqinisekiso esinje pho ukubona iwundlu neJuba kuhlangana ndawonye, iZulu nomhlaba kuhlangene, uNkulunkulu nomuntu behlangene! Futhi, ngani, i—izono zezwe zangiwa zahamba, na—nakho konke ukuba mahhadlahhadla, nakho konke ukufa, nalo lonke usizi, nakho konke ukugula kwanginwa kwahamba ngenkathi iWundlu neJuba behlangana ndawonye. Futhi Liyokwenza into efanayo kuwe, lapho Lihlangana nawe, lapho iJuba newundlu kuhlangana ndawonye, izimvelo zabo ziyafana.

129 Manje, ningabona ukuthi kungani abantu bethi, abefundisi abanamagama amakhulukazi abefundisi basesontweni, nokunye nokunye, ka—ka "Fata ohloniphekile," "Dokotela *S'bani-bani*," ukuthi, kukanjani ukuthi ba . . . wena uthi, "O, lokho—lokho, ningakholwa yileyonto yokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, ningakholwa yileyonto yabagingqiki abangcwele njengalawomaPentecostal, ningakukholwa lokho."

130 Niyabo, yimbuzi esikhundleni sewundlu, niyabo, zidla i . . . IZwi likaNkulunkulu, linguKudla kweWundlu. UNkulunkulu uyawahola, nendlela Ahola ngayo leloWundlu lokuqala . . .

131 Ukuba-ke uJesu wasukuma wayesethi, "Manje, awume kancane, uMose wayengumprofethi omkhulu, lelo yiqiniso, kodwa lezozinsuku sezihambile"?

132 Lelo kwakungeke kube yiWundlu, kwakungeke kube yiWundlu likaNkulunkulu. Qhabo, mnumzane. Wayehlala njalo eqinisekisa ukuthi "AkuMina owenza imisebenzi, NguBaba waMi ohlala kiMi. Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi,

ningaNgikholwa, kodwa uma Ngenza imisebenzi kaBaba waMi, ningeke naNgikholwa, kholwani yimisebenzi.” Yileyondlela iWundlu elalihola ngayo, KwakunguNkulunkulu kuLo. NguNkulunkulu eBandleni, NguNkulunkulu kubantu baKhe namhlanje, NguNkulunkulu Ezenza abonakaliswe ngoMoya oNgcwele ephila eBandleni emawundlwini aKhe. Uyakukholwa lokho ngenhliziyo yakho yonke na?

133 Asikhothamise amakhanda ethu, umzuzwana nje. IJuba neWundlu. Ngenkathi nisalalele, imiBhalo egqame kakhulu, omunye wayo, engingacabanga ngayo, ngenkathi uJesu ethi, “Baba,” cabanga ngakho, “Baba, ngenxa yabo NgiyaZingcwelisa.” Cabanga ngakho, “Baba, ngenxa yabo NgiyaZingcwelisa.” Wayenzani na? Ebeka isibonelo, WayeyiWundlu.

134 Wenzani na? Wayenelungelo lokuba nekhaya, Wayeyindoda; Wayenelungelo lokuganwa, Wayeyindoda; Wayenelungelo lokugqoka izingubo ezinhle, Wayengu—ngumuntu, kodwa WaZingcwelisa, Walahlekelwa. Wayenga—Wayengehla ngemihubhe yaseNkazimulweni, indoda ephelele enebhande lobuNgelosi, impela, kodwa WaZingcwelisa. Wayengazalelwa okungenani komuhle, umbhede ohlanzekile ndawondawo, kodwa Wazalelwa emkhombeni phezu kwenqwaba yomquba, emkhombeni obolekiwe, kodwa WaZingcwelisa. Ngani na? WayeyiWundlu.

135 Niyabo, bangane, sibuyele emuva ezinkolweni zomugqa wombuthano, nokunye nokunye, nazo zonke lezizinto, siyadeda entweni yangempela, zithobe. Zigcine uzithobile, “Nkosi, ngingcwelise.”

136 UJesu wayeqeqesha amanye amadoda ayezoyisa iVangeli ezweni lonke, amadoda ayishumi nambili, ngakho Waphila impilo engcwelisiwe futhi walahlekelwa yiyo yonke injabulo yezwe ngenxa yabo. Besifanele silahlekelwe ngukugqoka kwethu kwezwe, nezinjabulo zethu zezwe, nezinto ezinjalo, ngenxa yabantu esizama ukubaholela kuNkulunkulu, izwe elingaphandle. IJuba malingene kulobubusuku, uzingcwelise, ukuthi iJuba lokukholwa kwangempela lizongena futhi lihlale kuLo.

137 Baba wethu waseZulwini, lomlayezo othi *IWundlu NeJuba*, ukuthi iWundlu, omncane, umfo ongenacala ufanele aholwe kanjani, akazami ukusebenzisa ukucabanga okungokwakhe, ufanele aholwe; wenziwa ngaleyondlela ukuze umelusi wezimvu ubengamhola.

138 O Nkulunkulu, khipha bonke ubukhulu kithi, thatha konke ukuzidla, ne—nemizwa yokuzidla, nokwazi konke, kukhiphe kithi, Nkosi, konke ukungabaza nokwahluka oku—okungena ngokunyenya, kukhiphe, Nkosi. IJuba malindize lehle kulobubusuku, lingene kuzo zonke izinhliziyo, ukuze

silahlekelwe amalungelo ethu, singahle silahlekelwe yizo zonke izinto esizizwa njengezakhamizi zaseMelika ukuthi sinelungelo kuzo, masilahlekelwe yikho, ukuze iJuba lisiholele ekuthuleni, nasebuhleni, nasesihawini, nasenkazimulweni kaNkulunkulu.

139 Baba, ngiyazinikela kuWe kulobubusuku ngalenkonzo yokuphulukisa ezayo. IJuba malindize lishone phansi, Nkosi, maLingene enhliziyweni yami, nasemlonyeni wami, emqondweni wami, emehlweni ami, iphimbo lami, futhi makuthi phandle lapho, Nkosi, bazi ukuthi NguWe. MaLingene kubo, futhi ndawonye kwangathi Lingalahla ngecala isono, lilahle ngecala ukugula, zonke izingxenye ezingahlukaniseki zesono, kwangathi ingabaleka kulobubusuku.

140 Kwangathi leliBandla lingaphuma lapha kulobubusuku njengelikolojisisiwe, elingcwelisiwe, eligcwalisiwe, iBandla elikholwayo, ligcwele uMoya oNgcwele, lihambe liye phambili kusukela kulobubusuku kuqhubeke, Nkosi, nemvuselelo enkulu iqubuka ezweni lonke, esiyikhulekelayo. Kwangathi singabona imiphefumulo izungeze ama-altare futhi, nemililo yemvuselelo ivutha, lonke ibandla ligcwele phama, baze badingeke bakhe amasonto amasha, amagumbi kaSonto sikole afakwe. O Nkulunkulu, siphe khona kulobubusuku, ngaphambi kwesikhathi sokufika kweNkosi uJesu, ngokuba sikholwa ukuthi sesiseduze. Masilahle konke okwezwe, ukuze sithole uKristu ezimpilweni zethu, siholwe nguMoya waKhe. Siphe khona, Nkosi.

141 Manje, ngiyawazi lomlayezo omncane, othi ukunqunywa, mina ngigodle iphimbo lami, ekusheni izwi, ngikhulekela ukuthi ngandlela thize, lizobamba kulobubusuku, kusukela khona lapha kulendawana, into ethize ejulile futhi eqinile futhi ezwakalayo, ukuthi wonke umuntu phakathi lapha uzoba ngumtheli-sithelo, bangazami ukukhiqiza noma yini, noma benze noma yini, kodwa nje bazinikele kuMoya oNgcwele. Futhi kwangathi bangathela isithelo sokukholwa, nokuthula, nokujabula, nobuvi, nesihawu, nokuzithiba, nazo zonke izipho ezinhle zikaNkulunkulu.

142 Kwangathi lapho kungangena emabandleni, isiprofetho, ukukhuluma ngezilimi, ukuhumusha, ukwazi, ukuhlakanipha. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi lelibandla elikhulu lePentecostal lingavuka futhi lizithintithe othulini, liye ezindleleni ezindala futhi, futhi likucele, Nkosi, futhi lihambe kukho, ngoba kuyindlela enhle endala. Kuyindlela yeVangeli lakudala, nakuba kukhulunywa ngakho, nokho kuyinto enhle kakhulu ekhona emhlabeni, ngoba iJuba liyehla, lizingela amawundlu eLingawahola.

143 Nkulunkulu, uma Wayengalahlekelwa ukuPhila kwaKhe uQobo okuyigugu, ngokuzithandela aye esiphambanweni njengeNsizwa futhi asifele, “Kungabi yintando yaMi, kodwa

mayenziwe eyaKho," Nkulunkulu, impela, ukujabulela insindiso yaKhe, ukujabulela ukuPhila okuPhakade kuyo yonke iminyaka ezayo, impela, singalahlekelwa izono zethu nezinto zethu zezwe, ukuze sithole lokho lokho Akufelayo, leloWundlu likaNkulunkulu eliligugu.

144 Siphe khona kulobubusuku, Nkosi, ngokuthula nangesizotha kugxiliswe okwehange kuyo yonke inhliziyo. Ngikunikela konke kuWe, Nkosi, njengoba sibiza abantwana baKho abagulayo ukuba bakhuleke. Makuthi imivimbo kuleloWundlu, kulobubusuku, iphulukise lonke iwundlu elingena emgqeni, noma, elisesakhiweni. Siyacela, eGameni likaJesu. Amen.

145 Ngiyabuthanda ubumnandi bukaMoya oNgcwele, anibuthandi na? Kuvele nje—nje kwehlele phansi ngaphakathi kimi. Ukucabanga nge . . . Ngibuke emuva emgodini lapho engivela khona, ngibuke emuva . . . Ngiyakuzonda ukulahla ngecala isono njengoba ngenza, Mina—mina, ngezinye izikhathi angikuqondile ngokwami siqu, kodwa njengomfundisi, ngi—ngi, isikhundla sami empilweni, ngi—ngifanele ngikulahle ngecala, bangane, a—angikwazi ukukuvimba. Angiqondile ukulimaza noma ubani, kodwa ngihlose ukukulahla ngecala. Yebo. Kodwa ngifuna nazi ukuthi kungobumnandi obuvela enhliziyweni yami, uNkulunkulu uyakwazi lokho.

146 Lapha esikhathini esingeside esedlule, ngangibambe umhlangano edolobheni, ngahamba ngangena endaweni. Sasikade sidla ngapesheya kwesitaladi endaweni othenga udlele kuyo encane yakwaDunkard, Kwakusenhla ndawondawo e-Ohio. S'thandwa, uyakhumbula ukuthi kwakukuphi na? Ngiyakhohlwa, kwakundawondawo enhla e-Ohio, lapho, sasisesakhiweni esikhulu sokugcina izikhali, futhi kwakugcwele phama, nezinkulungwane zabantu.

147 Bangigcina ngaphandle ezweni, ngoba babebaningi kakhulu ezansi lapho abaziyo lapho engangihlala khona. Futhi, saphumela emaphandleni futhi sasinakho, sidla ngapesheya, iRestaurant yakwaDunkard encane, amahle kakhulu, ahlanzekile, amanenekazi amancane, ehambahamba lapho, futhi emahle kakhulu nayo yonke into.

148 Futhi ngakho-ke, ngeSonto, bavala futhi baya esontweni, futhi kwase kuphele izinsuku ezimbili ngingadli, ngakho ngadingeka ngishumayele ngaleyontambama, ngawela ngaya kweyesimanjemanje, indawo othenga udlele kuyo encane ngapesheya kwesitaladi, noma, ngapesheya komgwaqo lapho umgwaqo omkhulu unqamula khona, ngase ngiwelela lapho, futhi ngenkathi ngingena lapho, kwakuyihlazo. Omile, edlala umshini wokugembula, kwakuyi—yiphoyisa, iphoyisa, elicishe libe nguntanga yami, niyazi ukuthi lishadile, nengalo yalo igaxe owesifazane ngokungenasimilo, lidlala umshini wokugembula,

nokugembula akukho emthethweni e-Ohio. Nakho lapho okhona.

149 Ngabuka emuva ngaphesheya lapho, futhi nakho kuhlezi i, abanye balaba ababezenzisa okuka-Elvis Presley, nalaba, njengedada lihlezi ngemuva kwekhanda labo, na—nalo lonke lolohlobo lombhedo, imidlwembe namabhulukwe adonselwe phansi *kanje*, futhi behlezi lapho nentombazane esencane ezingalweni zabo. Angikwazanga nje ukukusho ezethamelini ezixubile.

150 Ngabuka ehlezi ngakwesokudla, nakho kuhlezi owesifazane osekhulile, omdala ngokwenele ukuba abe ngugogo wami, cishe impela, ehlezi lapho nento ebukhwebezane ezindebeni zakhe, nezinzipho zezinzwane zakhe zipendwe ngokufanayo, nepheya elincane lalezi ezincane, izingubo ezingenasimilo, futhi empofu, into endala, isikhumba sakhe silenga *kanje* ezingalweni zakhe, futhi ehlezi lapho namachashaza aluhlaza sasibhakabhaka ebusweni bakhe *kanje* lapho ayezipende khona, nezinwele ezazinombala ol'hlaza s'bhakabhaka.

Futhi ngabuka, ngase ngicabanga, "O, he!"

151 Futhi amadoda amabili amadala ehlezi lapho, futhi ngesikhathi sasehlobo, enye yawo igqoke ijazi elikhulu lempi, isikhafu silenga *kanje*, ehlezi lapho nalelo elimpofu, inenekazi elidala, nobhiya behlezi ngalapho, bephuza. Futhi enye yawo yabheka phezulu kwenye, yayisithi, "Ucabanga ukuthi imvula izolimaza isipinashi esinenduku ebomvu na?" Base beshenxa baya endlini encane.

152 Futhi ngama lapho, ngathi, "Nkulunkulu, Wena ebungcweleni baKho, Ubungake ume kanjani ukuba ubuke lokho lapho kungibulala ukukubuka na?" Ngathi, "Kungani, ungayishayi into isuke emhlabeni na? Ungabe usayivumela lapha." Ngathi, "USarah wami omncane noRebekah," lapho, "bafanele bakhuliswe kulokho na?" Ngathi, "Nkulunkulu yishaye isuke emhlabeni! Ungcwele, Ungakwenza kanjani na?"

Into ethize yathi kimi, "Yana emva komnyango."

153 Ngabuyela emuva emva komnyango futhi ngama lapho. Ngalinda kancanyana, kwafika umbono, ngabona izwe liphenduka. Futhi emhlabeni jikelele kwakuyinkungu eyayibukeka njengeGazi, ifafaza nxazonke. Futhi ngabuka phakathi lapho, futhi lapho ngangenza izinto ngokungesikho. Futhi njalo lapho ngenza into engalungile, izono zami zaziqala phambi kukaNkulunkulu, futhi uNkulunkulu wayeyongibulala ngakho, kodwa uJesu wayemi lapho njengebhampa, Wakubamba, ngangibona izinyembezi zehla ezihlathini zaKhe. Futhi ngiyokwenza okuthile okubi, iGazi laKhe laliyokubamba, likugcine kunga—kungangithinti, ukuba kungibulale, uNkulunkulu ubeyongibulala, Yena, "Mhla udla kuwo, usuku ofa ngalo."

154 Futhi ngakubuka, futhi embonweni ngenyukela kuYe, ngathi, "Nkosi, nginamahloni ngami." Nakho kubekwe incwadi yami ilele lapho nazo zonke izinhlobo zobubi zibhalwe kuyo. Ngathi, "Ungangithethelela, Nkosi na? Ngabe ngiKubeke kulesosimo na? Ngabe izono zami zaKubangela ukuba ungifele na? O Wundlu, ngicela ungithethelele izono zami, ngeke ngisakwenza lokho."

155 Wafinyelela emuva, washaya isandla saKhe *kanje*, futhi wabhala encwadini ngeGazi laKhe uQobo, "Uxolelwe," wakuphosa ngale emva kwaKhe, wase-ke Esenza, Wavula incwadi entsha.

Ngathi, "Ngiyabonga, Nkosi. Ngizokwenza noma yini Ongitshela ukuba ngiyenze. NgiyaKuthanda, Nkosi Jesu."

156 Wathi, "Manje, ngikuthethelela ngesihle ngakho konke okwenzile," wayese-ke Ephenduka, ngase ngibona owesifazane, wathi, "kodwa ubufuna ukumsula asuke ebusweni bomhlaba."

O, ngezwa cishe kakhulu *kangako*. Ngathi, "Ngithethelele, Nkosi."

157 Ngenkathi umbono ungishiya ngaphuma ngaya etafuleni elincane lapho ayekhona, ngase ngithi, "Sawubona?"

Futhi wabheka phezulu, wayedakwe uhhafu, waba nengwici izikhathi ezithi azibe mbili, wathi, "O, sawubona."

Futhi—futhi ngathi, "Ngingahlala phansi na?"

Wathi, "Ngiyabonga, kukhona enginaye."

Ngathi, "Bengingakuqondile ngaleyondlela. Ngingathanda nje ukusho izwi kuwe."

Wayesethi, "Yisho."

158 Futhi ngahlala phansi, ngathi, "Kunini uhola lempilo na?" Wangibuka, futhi bandla, into endala, futhi nga—ngacabanga, "He, akunandaba ukuthi yini, kanjani, ukuthi wedlule kukuphi!" Futhi ngamtshela okwakwenzekile. Ngathi, "Ngixolele."

Wathi, "Ngabe uyilowomfundisi ezansi lapha, uMnu. Branham, lokho yilokhu . . . ?"

Ngathi, "Nginguye."

159 Wafinyelela ngale futhi wabamba isandla sami, ethuthumela, waqala ukukhala, wathi, "Mnumzane," wathi, "umyeni wami wayengumshumayeli." Wathi, "Emva kokufa kwakhe . . . Nginamantombazane amabili, angothisha bakaSonto sikole, omabili." Futhi wangixoxela indaba, ukuthi kwenzekani, indlela ayehola ngayo. Wathi, "Sengiphelelwe yithemba."

Ngathi, "Qhabo, awunjalo. Qhabo, awunjalo."

Wathi, "Ngi—ngifuna ukuqondisa." Kodwa wathi, "Anginandawo engingaqala kuyo."

160 Ngathi, "Ini? Khona manje. UNkulunkulu engikhombisa emva komnyango lowombono lapho, mina ngifuna ukukususa nya, futhi Wathi Uyangithethelela, futhi ngifuna ukukulahla ngecala, nenekazi, ngithethelele."

161 Lapho wabamba izandla zami, ngamholela phandle lapho egqoke lezozikhindi ezincane ezindadlana, khona impela maphakathi kwalelophansi kanjalo, futhi saguqa phansi, futhi saba nomhlangano womkhuleko wangempela lapho. Lapho sengiqedile, abantu babekhala, behambahamba lapho.

162 Ngiyanitshela, bazalwane, ngezinye izikhathi sifanele sikhulume ngokumelene nesono, akusikho ukulimaza umuntu, kungokokubaletha ukuba baqonde, ukubaletha endawaneni ukuba baqonde. NjengeNkosi yethu, asiqondile ukulimaza noma ukuba babi, uNkulunkulu uyakwazi lokho. Lokho bekungeke, lokho. . . Akusoze lokho kube semphefumulweni wami, kodwa ngukuzama ukuthola abantu ukuba baqonde ukuthi kuqhubekani, ukuthi kwenzekani. Niyabo? Futhi ngenza lokhu ukuze sizoshiya konke ukungakholwa, nezinto zezwe, futhi sibuye, futhi sibe ngumKristu wangempela, onomoya omuhle, ozithobile, futhi siphilele Yena.

163 Manje, Baba waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Uzothumela iJuba kulobubusuku, futhi usiholele sonke kulokho, ngokuthula nangobumnandi, phezulu kuleyondawo yangempela. U-Eliya walala emgedeni, futhi emgedeni umoya wadlula, umbani wabaneka, ukuduma kwaduma, umhlaba wazamazama, kodwa iPhimbo elincane elihashazayo laheha umprofethi.

164 Nkulunkulu, siphe kulobubusuku, thina. . . yonke into eyedlule, kwangathi leloPhimbo elincane elihashazayo lingaheha abantu kulobubusuku empilweni yangempela, engcwelisiwe, impilo ezoma ngakuNkulunkulu wabo, ezoma ngasebandleni labo, ezoma ngakumelusi wabo, ezoma ngasembangeleni kaKristu, ezophakamisa ibhanela, ezophila, yenze, igqoke, ihambe, futhi izihlanganise, futhi iphile esimweni sendawo, ezoba nosawoti kakhulu, ezobangela abanye ukuba bome ukufana nabo. Siphe khona, Nkosi.

165 Kwangathi ibandla lethu lingelokothe lingcole kakhulu lize libukeke njengalo lonke izwe, lapho ongeke wahlukanisa isoni kongcwele. Nkulunkulu, siphe ukuthi kuzoba yikho ngempela. Kwenze kube yikho ngempela, Baba, ngiyakhuleka, njengoba ngicela Wena ukuba usisize, kulobubusuku, futhi umemezele ukuthi Ulapha ukwesekela lezizinto, eGameni likaJesu, iNdodana yaKho.

166 Sisakhothamise amakhanda ethu, ngabe ukhona yini esakhiweni kulobubusuku, noma bangaki, ngifanele ngithi, ongathanda ukuhola lokho—kuhola lokho okwangempela,

okunokuthula, ukuphila okumnandi, futhi aholwe yiWundlu, noma, yiJuba na? Anginjalo, ngifuna ikhanda lawo wonke umuntu likhotheme nawo onke amehlo evaliwe, angizukukwenza ukubizela e-altare, ngifuna nje ukwazi izinhliziyo zenu. Phakamisa isandla sakho, uthi... UNkulunkulu akubusise. O, lokho...Bukani sonke isakhiwo ndawo zonke, impela, yonke indawo, impela, niyakwenza.

167 Baba waseZulwini, siphe khona, ngiyacela kwenze, Nkulunkulu. Baningi lapha, uma ngibuya unyaka kusukela namhlanje, ngeke babe lapha, ngingahle ngingabibikho lapha nami, Nkosi, unyaka kusukela namhlanje. Ngifanele ngihlangane naWe phambi kwabo bonke ngolunye usuku. Futhi ngokwalowombono Owangibonisa wona ngolunye usuku, Nkosi, ngifuna yonke i-engela engingakwazi ukuzuza umuntu othize.

168 Baphe isifiso senhliziyo yabo kulobubusuku. Kwangathi iJuba likaNkulunkulu lingasiholela ekujuleni okujulile nasezindaweni eziphakeme kakhulu ngokuhola kukaMoya oNgcwele, sicela eGameni likaJesu. Amen.

169 Manje, ngikholwa ukuthi indodana yami ingitshelile esikhashaneni esedlule ngingena, ngenkathi sihlangana nayo phandle lapho, ukuthi ibinamakhadi omkhuleko angamashumi amahlanu ebekwe umugqa kulobubusuku, ewanikeza abantu. Sizobashayisa umugqa futhi sibakhulekele. Ngikhohliwe, ini...? [UMfowethu Billy Paul uthi, "U C."—Umhl.] U C, Billy, angikubonanga...U C, elokuqala kuya kwelamashumi amahlanu. Manje, siletha lezi... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

170 ...owesifazane omncane uphezulu egqoke ingubo eyisikoshi, yiyiphi—yiyiphi—yiyiphi ingxenye ye...? Kusuka ndawondawo ezansi eningizimu. Uma ucabanga ngakho ngenkathi ngikusho, khumbuza...

171 Lalina kanzima ngempela, ne—nendawo yayigcwele phama, futhi babemi bezungeze izindonga. Futhi ngakho, ba...Kwaku...UBilly wayekhiphe amakhadi omkhuleko, kwase kuthi-ke, futhi kwakukhona umama omncane ehamba eya emuva naphambili, wayenengane engutsheni yokulala. Futhi kwakukhona omunye wesifazane omncane—omdadlana ehlezi lapho egqoke enye yalezozingubo ezincane eziyisikoshi, noma ngabe kuyini, niyazi, ehlezi lapho, omncane, umKristu, ongcwele ehlezi ngaphambili. Futhi wayenakho, lomama wayengenandawo yoku—yoku—yokuhlala phansi nengane. Nalomama omncane waqala ukuyidabukela leyongane nalowo wesifazane omncane ehamba eya emuva naphambili, noMoya oNgcwele wathi kumama, "Khulekela leyongane."

"O," wathi, "Angikwazanga ukumbuza lowo wesifazane."

"Khulekela ingane."

172 "O, ngi—ngi . . ." Kungcono ukwedlula konke ukwenza lokho uNkulunkulu akutshela ukuba ukwenze. Futhi ngakho, ngenkathi e . . . Wathi, "Awu, ngesikhathi esilandelayo uyedlula, ngizombuza ukuthi ngingayikhulekela yini ingane."

173 Futhi ngenkathi edlula wayephethe ikhadi lomkhuleko. "O," wathi, "Ngeke ngacela ukukhulekela leyongane, ngani, uMfowethu Branham uzokhulekela leyongane." Njengokuthi lokho kwakusho okungaphezu kwanoma yini, noma ubani omunye. Wathi, "UMfowethu Branham uzokhulekela leyongane."

174 Ngakho uMoya oNgcwele wawulokhu usebenzana naye, nesikhathi salibala. Ngangingakafiki nokho, futhi ngakhoke, owesifazane omncane wathi, awu, wavele walahlwa icala kakhulu, wathi, "Dadewethu, ungathanda ukuhlala phansi nengane na?"

"O," wathi, "Angifuni ukuthatha isihlalo sakho, s'thandwa."

175 Futhi mhlawumbe lolozwelo lukamama omncane, lukhulu ngaleyongane kunalokho olwami belungaba yikho. Wayesethi, "Dadewethu," wathi, "thatha lesisihlalo bese uhlala phansi. Kodwa," wathi, "Ngifuna ukukutshela, ngiyazi ukuthi ungumKristu."

Wathi, "Yebo, mem, nginguye."

176 Wayesethi, "NgingumKristu, nami." Wathi, "UNkulunkulu waqhubeka nje ekhuluma kimi, 'Khulekela leyongane.'" Wathi, "Unekhadi lapho." Wathi, "UMfowethu Branham uzokhulekela leyongane."

177 Wathi, "Ngithemba ukuthi uzobiza inombolo yami kulobubusuku. Ngilapha ukuba, nengane yami," futhi wathi, "igula kakhulu." Futhi—futhi wathi, "Ngithemba ukuthi uzobiza inombolo yami."

178 Futhi wathi, "Awu, hlala phansi lapha, futhi mangikhulekele ingane, ukuze nje ngikususe enhliziyweni yami," wathi, "ngoba ngizizwa ngilahlwe yicala uma ngingakwenzi."

Wathi, "Ngani, impela, s'thandwa, yikhulekele ingane."

179 Futhi wakhuleka umkhuleko omncane, wabeka, wathi, "Nkosi Jesu, Ubuxwayisa inhliziyo yami, futhi nje ngabeka izandla zami phezu kwengane encane. Futhi uma yenza okungalungile lapho inceku yaKho izoyikhulekela, unga—ungakuvumeli kubonise, Nkosi, ngi—ngizama nje ukudambisa umuzwa wami." Lowo nguMoya oNgcwele utshela lowo wesifazane omncane lokho.

180 Ngakho wakhulekela ingane encane, nowesifazane unika inenekazi elinekhadi lomkhuleko nengane isihlalo, nenenekazi elincane lakhwela lase lisukuma kuvulandi osesitezi phezulu le lapho.

181 Awu, emva kwesikhashana, imvula yathi ukwehla kancane, ngase ngingena, ngangena, ngaya emsamo, ngashumayela isikhashanyana, ngabiza umugqa womkhuleko, futhi nje ngabiza cishe amakhadi ayishumi, noma into ethize efana naleyo, ngoba konke kwakufanele kube sekuboneni okufihlakele. Futhi ngezinye izikhathi ngaleyondlela, lapho ngifika ezansi kweleshumi, ngi—sengicishe impela ngihambile uma kungumhlangano omusha. Ngakho manje-ke, ngenkathi be—be. . .ngabatshela, ngathi, "Manje, bangane, nina, ngukukholwa kwenu, nifanele nikukholwe. Ngi . . . "

182 Ngakho ngenkathi—ngenkathi bebiza inombolo, ngiyakholwa, kusukela, njengokuthi kusukela emashumini amabili kuya emashumini amathathu, noma into ethize efana naleyo, noma amashumi amathathu kuya emashumini amane, noma ngabe kwakuyini, lowo wesifazane omncane wayethi akabe ngowesine emgqeni naleyongane. Lowomama omncane wazizwa ekahle ngempela khona-ke. Ngakho kwenyuka ingane encane nomama, nento encane yayinengubo yokulala phezu kwayo, *kanje*, futhi yayigula ngempela.

183 Ngakho, kwenyukela lapho umugqa womkhuleko wawuqhubeka khona, ngenkathi kukhuphuka, ngathi, "Sawubona?" Nginakho eteyipini, niyabo, ngangazi kanjalo-ke ngakho konke. Ngakho ngathi, "Sawubona?"

Futhi wathi, "Sawubona?"

Ngathi, "Ngicabanga ukuthi siyizihambi omunye komunye na?" Ngangizama ukuxhumana nomoya wakhe ngaleyonkathi, niyabo.

Wayesethi, "Yebo, mnumzane, siyizihambi."

Ngathi, "Awukho lapha ngesingawe, kungengane yakho."

Wathi, "Kunjalo."

Ngathi, "Inelukhemiya isifo sokuphaphatheka kwegazi."

Wayesethi, "Kunjalo. Odokotela ukunike nje izinyanga ezimbalwa ukuba iphile."

184 Ngathi, "Awu, awume kancane," ngathi, "ingane isivele iphulukisiwe. Kukhona owesifazane omncane osanda kuyikhulekela nje ogqoke e—encane, ingubo eyisikoshi." Ngathi, "Yena usanda kukhulekela ingane emizuzwini embalwa edlule." Ngathi, "Nguye omi khona phezulu lapho, igama lakhe nguNkk. *S'bani-bani*, no*s'bani-bani*." Yena . . . Khona-ke ukulalela kungcono kunomhlatshelo.

185 Manje, lowoMoya ofanayo ofakaze kini kulobubusuku, "NgiyiJuba, Ngilapha, wena uyiwundlu laMi, Ngifuna ukukuphulukisa."

Ngani, vele uthi nje, "Ngiyabonga, Baba waseZulwini." Hamba uphume uphulukisiwe. Yileyondlela okwenziwa ngayo.

186 Kulungile, asibize umugqa womkhuleko. Ngilokhu ngikhuluma nje, niyizethameli ezinhle kakhulu futhi nihlezi nilalelisisa, ngiyakuthakasela ngempela lokho. Manje, ake sibone, ikhadi lomkhuleko. . . Awu, asibakhuphule bonke, futhi sizobakhulekela nje. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

187 . . . Moya oNgcwele ungake nje ubambe. Nizama kanzima, ngiyazi ninjalo, niyabo, nizama ukucindezela ukungena kukho, kodwa uma nje beninga, ningazami ukucindezela, nidedele nje, nidedele uNkulunkulu nje akwenze. Impela kuyo—kuyoba ngokumangalisayo ngempela uma nje nizovumela uNkulunkulu akwenze, akuyikubakho-muntu ogulayo osele phakathi kwethu. Manje, uma nonke manje nizokholwa ngayo yonke inhliziyo yenu, ngawo onke amandla enu okuqina, uNkulunkulu uzonipha ukuphulukiswa kwenu, niyabo. Uyakukholwa lokho na?

188 Ngi—ngi—ngikholwa ukuthi sekuvele kuyenzeka. O, uma nje kuzoqhubeka! Ngaphambi kokuba noma ubani aze angene emgqeni womkhuleko, ngibone lokho kuKhanya kwenza indingilizi macala onke ka*njalo*, ngaleyonkathi nje. BengiKubhekisisa ukubona uma Kuma komunye, kuhamba nga*le*ndlela ngaku*le*ndlela. Manje yibani nokukholwa nje.

189 Manje, bangaki obone isithombe seNgelosi yeNkosi lapha na? Si—sinaso phakathi lapha, sisezincwadini, kanjalonjalo. Manje, yilokho ebengikubuka ngaleso sikhathi nje, Kuvela ku*leyo*ndlela ndawo ndawo, Kuhambe kwazungeza *ngapha*, kuza ngapha ngaku*lolu*hlangothi.

190 Kuhlala njalo kuza emgqeni womkhuleko, bekuhlala njalo, ngakwesokudla sami, yingalesosizathu ngiletha abantu ngaleyondlela. Angikaze ngibe nomugqa womkhuleko ngaphandle uma uvela kwesokudla sami, uza kwesokunxele, ngoba njalo yilapho Imi khona, yilapho engiYibona khona njalo, kulelocala. Futhi manje, ngenkathi kwakuvame ukuba, ngangiletha abantu ngakwesokunxele, ngenkathi ngibabamba ngalesosandla, kodwa ngalendlela ngumbono, Imi ngakuloluhlangothi. Kulungile.

191 Manje, bazalwane abakhonzisayo, ngifuna nonke nikholwe ngayo yonke inhliziyo yenu. Ngifuna nibe nokukholwa, futhi nibuke labobantu.

192 Manje, ngabe uNkulunkulu unguBaba na? Bangaki okholwayo ukuthi uNkulunkulu unguBaba wethu na? NguBaba kaJesu Kristu, futhi UnguBaba wethu, singabantwana abenziwe abantwana. Manje, UyiJuba. Bangaki okukholwayo lokho ngomusa kaNkulunkulu, wena uyiwundlu laKhe na? Phakamisa isandla sakho. Kuhle. Kulungile. Manje masiMvumele asihole. Manje, ngizo, ngifuna ukubona ezethamelini, othile ukuze uzobona ukuthi akusibo abantu kuphela lapha emgqeni, lowo nje, lowo o . . .

193 Niyazi ukuthi kungani sinika amakhadi omkhuleko na? Kunjalo ukuze abantu bangajahi. Niyabo, kukhona—kukhona cishe abantu abangamakhulu amabili noma amathathu ngaphezulu, noma amane, lapha ufuna ukukhulekelwa. Futhi uma unokubona okufihlakele, mfowethu, bona, kungukugxumelana, nesiyaluyalu. Lena—lena yi—*yi*nkundla yezemidlalo, kodwa akusiyo kulobubusuku, yindlu yokukhonzela kulobubusuku, iBandla likaNkulunkulu lihlezi phakathi lapha. Ngakho, sifuna yonke into ihlelekile nje.

194 Kuyeke kuphume ohlelweni, futhi bhekisisa ukuthi uMoya oNgcwele undiza ngokushesha kanjani. O, Uyakhophozela! Uvumela omunye aqale ukungakholwa, bhekisisani nje ukuthi Ungishiya kanjani, nje—nje ngokushesha njengoba Ungenza. Ungeke, Ungeke nje uhlale ngalapho kunokungakholwa, Ungeke nje ukwenze, ukhophozela kakhulu, kakhulu. Yingalesosizathu, mfowethu...

195 Bodadewethu abayigugu, uNkulunkulu abusise inhliziyo yenu, mina ngikhuluma ngokugqoka kwabesifazane, lowo—lowo akusini, lokho yilaba besimodeni abenza ngendlela abenza ngayo. Kodwa bukani, ngizama nje ukunexwayisa, ngabantwana benu abezayo, nezinto, futhi—futhi nibhekisise sonke isinyathelo, ningakwenzi lokho.

196 Izolo ebusuku ngibone phezulu ku*lolu*hlangothi, na*lolo*hlangothi, amantombazane ayinjejane, amanenekazi amancane, ebuyela emuva manje ensindisweni. Ngikuthakasela kanjani lokho! He, khona impela kulezozimpambanandlela zokuphila. Kunomusa kanjani, uNkulunkulu ubeyosenzela lokho!

197 Manje, ngabe...? Ngabe bonke bangenile na? Ngabe bonke abangamashumi amahlanu balapho na? Kunomuntu othize ndawondawo ozama ukuba nokukholwa okuthile laphaya, ndawondawo. Nje ku...Ngi...Asikho isidingo... Uma nginitshele ukuthi bengingakuchaza lokhu, ningeke. Bangaki okwaziyo lokho na? Ungeke wamchaza uNkulunkulu. Yingalesosizathu konke ukuzama kwethu nezinkolelo-ze...

198 Ensimini yase-Edene kwakukhona imithi emibili. Bangaki okwaziyo lokho na? Omunye wayo wawunguMuthi wokuPhila, nomunye wawunguMuthi woKwazi. Futhi ngenkathi umuntu eshiya uMuthi wokuPhila ukuba adle uMuthi woKwazi, njalo uyazibhubhisa, azehlukanise noNkulunkulu. Ngakho, awusoze wamazi uNkulunkulu ngokwazi, ufanele uMazi ngokukholwa, ukuba ukukholwe nje; akufiki ngokwazi, kungukukholwa. Niyabo?

199 Ngakho, njalo lapho siluma lapha...Baluma...Ukuluma kokuqala kwahlukanisa inhlanganyelo yakhe noMenzi wakhe; wase-ke eluma impushana yesibhamu, ibulala umngane wakhe—wakhe, umngane wakhe; into elandelayo, waluma imoto,

ibulala ngaphezu kwayo yonke impushana yesibhamu; manje uzilume yena uqobo ngebhomu le-athomu, ngiyamangala ukuthi uzokwenzani ngalokho. Niyabo?

200 UNkulunkulu akabhubhisi lutho neze, umuntu, ngokwazi, uzibhubhisa yena uqobo. Khumbulani lokho, uNkulunkulu akabhubhisi lutho, uNkulunkulu uPhakade, Akabhubhisi lutho, kodwa umuntu, ngolwazi lwakhe, uzibhubhisa yena uqobo.

201 Lapho sifika endaweni, wena uthi, "Awu manje, ayikho into okuthiwa nguMoya oNgcwele, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu akulungile," khumbula nje, ubhujiswa ngokungazi kwakho uqobo; ucabanga ukuthi ukwazi, kodwa ngukungazi. Ngakho u—uzibhubhise wena uqobo, wathumela umphefumulo wakho wathi ngqu wasuka kuNkulunkulu ngokwenza lokho. Niyabo? Ngani, ungavele nje ulahle phansi imicabango engeyakho bese uthi, "O Juba likaNkulunkulu, woza ungihole"? Niyabo?

202 Bhekisisani lapho Eniletha khona, nibuyele ngqo eZwini laKhe. "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kepha ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu."

203 Manje, ngifuna ukwazi ukuthi bangaki kulowomugqa womkhuleko ongangazi, futhi a—futhi—futhi angikwazi, ongangazi, phakamisa izandla zakho, wena o. . .? Bangaki phandle lapho ongangazi na? Phakamisani izandla zenu, noma qha, kulungile. Phezulu kovulandi abasesitezi, kanjalonjalo, niyabo. Kulungile.

204 Manje, kukhona kuphela, mayelana noNkulunkulu enguMahluleli wami, abantu kuphela engibaziyo, ngibejwayele abanye balababazalwane abayigugu lapha, ikakhulukazi usihlalo lapha, uMfowethu [Umfowethu uthi, "Hobson."—Umhl.] Hobson. Ngase-ke ngihlangana nabanye abathi ababe babili babafowethu ababaziyo, futhi ngabaxhawula zonke izandla zabo, kodwa, bazalwane, uma nginganitholi ukunazi kahle impela lapha, ngizonazi ngapheseya kwechibi, lapho sesifika ngaLeya, si—sizo. . . Ngizoba Lapho nani, futhi singabefundisi ndawonye.

205 Nabanye benu nonke benishumayela leliVangeli ngenkathi ngisengomdadlana, umfana oyisoni; ngempela kudinga ukuba kube yini phezulu lapha. Kodwa kuyini na? Nagawula izihlahla, futhi—futhi nahlelemba umgwaqo, ukuthi ukugijima kuzoba lula kakhulu kimi kunoma bekunjalo kini.

206 Ngakho, ngifuna nazi, ukuthi ngiyakwazi lokho enhliziyweni yami. Ngolunye usuku olukhazimulayo lapho sixhawulana phezu kwetafula ngaleya siyobona ukuthi umqhele uyaphi. Nina bazalwane enilwe ngempela ukuzuza umklomelo, futhi nenza indlela yaba lula kimi, nashumayela ukuthi lezizinto ziyofika eminyakeni emide edlule, ngaphambi kokuba ngize ngingene enkonzweni, nashumayela ukuthi

lezizinto ziyokwenzeka. Manje, niyabo, nigandaye indlela. Laba ngabantu owashumayela kubo abeza lapha futhi babone impela. Njalo hlonipha umelusi wakho, ukufanele konke ukuhlonishwa ongamnika khona, iBhayibheli liyakusho lokho. Yebo, mnumzane. "Futhi ungayifaki isifonyo inkabi ebhula ummbila."

207 Manje, emuva kudala, ngenkathi besezansi ekhoneni, futhi bagijima baphuma edolobheni, futhi badle ummbila osemzileni kaloliwe, kumbe noma yini abayenzayo, babenza indlela yalokhu, futhi ungakukhohlwa neze lokho. Lapho laba bavangeli abasha befika ngendlela yenkonzo, unga . . . Khumbula, uma ubuzohlinzwa, ubuyokufuna . . . ubungeke ufune ukuthola isitshudeni esisha ebesingakaze sibe nesipiliyoni, ubuyofuna lowo obenesipiliyoni esithile. Kuthiwani ngomphefumulo wakho ozohlinzwa na? Mm? Kunjalo, bazalwane. Impela kuyiqiniso.

208 Manje, lesi yisiphiwo, ake ngikuchaze okomzuzwana nje manje, lesi yisiphiwo, nje i—indlela enginayo nje yokuzinikela eJubeni. Khona-ke angisebenzisi ukucabanga okungokwami, ukubona okungokwami, amazwi angawami, ngivele ngiphumule phambi kwaKhe. Kuyisiphiwo nje ukwazi ukuthi kwenziwa kanjani. Futhi lapho kwenzeka, khona-ke lokho . . . Ngi—benginga . . . Ngiphumule khona manje. Niyabo?

209 Futhi ngamunye wenu ungumoya, uma wawungenjalo, ngabe ufile, ngakho lapho unokungakholwa, ngiyakuzwa lokho kungena, ukungabaza okuncanyana, uyakuzwa, kodwa lapho kukhona ukukholwa, uyakuzwa lokho, futhi. Niyabo? Awu manje, ngukukholwa kwakho okuletha lemibono, manje, uNkulunkulu uyakwazi lokho. Ngukukholwa kwakho okukwenzayo, hhayi mina. A—angiKulawuli, Kuyangilawula, ngiyaziphumuza nje, bese kuthi-ke noma yini Ayenzayo, ngiyakusho, ngize ngiqale ukuba buthakathaka ngempela, khona-ke ngingazizwa ngigoqana, khona-ke nje ngi . . . ngi—ngiyazi uma ngiqhubeka, ngeke nje kube kancanyana, baze ba, uMfowethu Roy noma uBilly Paul lapha, uzongibamba.

210 Futhi ngakho-ke, ngineminye imihlangano, ngobunye ubusuku, futhi ngizama ukuzidonsela ngaphandle. Kungukuthi, i—isiphiwo akusiso esami, singesakho. Angikwazi . . . Uma ngifuna ukwazi okuthize, ngithi, "Nkosi, kuyini na? Kuyini na?" Akangitsheli, ngaphandle uma Efuna. Kodwa lapho ngizidedela ngesiphiwo, khona-ke ungasisebenzisa. Manje, bangaki okuqondayo lokho na? Lokho ngukukholwa kwakho uqobo.

211 Manje, uma nje uzobuka *ngapha*, njengowesifazane owathinta umphetho wengubo yaKhe, futhi—futhi ukholwe, futhi wazi ukuthi UngumPristi oMkhulu . . . Niyabo? Manje, indlela kuphela oyoke uthole noma yini esiphiweni

sikaNkulunkulu, ngukusondela kuso ngenhlonipho yokuzithoba nezinhlonipho.

212 Ukuba-ke uMarta wayethe, "Ubungekho lapha! Awuzanga ngani ngenkathi ngiKubiza na? Umfowethu uLazaru usenezinsuku ezine efile. Siyakholwa ukuthi wena ungumzenzisi, besingeke sisazihlanganisa nawe"? Kwakungeke kwenzeke.

213 Ukuba-ke lowo wesifazane waseSirofenike: Ngenkathi Ethi. . . wathi, "Nkosi, yiba nomusa endodakazini yami, ikhwelwe ngudeveli ngokunhlobonhlobo."

Wathi, "Akukuhle kiMi ukuthatha isinkwa sabantwana futhi ngisiphe nina zinja." Whewu!

Wawuyothini na? "Mina, inja? Mgingqiki ongcwele, angihlanganise lutho nawe, qhubeka."

Hhayi yena, wathi, "Yiqiniso lelo Nkosi, kodwa i—izinja zidla imvuthuluka phansi kwetafula labaninizo."

Waphenduka, wathi, "Ngenxa yalesi sisho. . . " Ukusondela kwakhe. Niyabo?

214 UMarta wathi, "Nkosi, uma Ubukhona, umnewethu nga engafanga, kodwa nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKunika khona." O!

215 Wathi, "NgingukuVuka nokuPhila, okholwa yiMi, noma efile, wophila. Nalowo ophila akholwe yiMi, akasoze afa. Uyakholwa yilokhu na?"

Wathi, "Ya, Nkosi," waMbiza ngalokho Ayeyikho, Nkosi. "Ya, Nkosi, ngiyakholwa ukuthi Wena uyiNdodana kaNkulunkulu eyayizakuza ezweni."

216 Mfowethu, kukhona okumele kwenzeke, yilokho kuphela. "Nimmbelephi na?" Kwaba yilokho-ke. Yilokho okwathatha ukukwenza; yilokho okudingekayo ukukwenza isikhathi ngasinye.

217 Manje, uma nje nizosondela kuNkulunkulu ngaleyonhlonipho yokuzithoba efanayo, nina phandle lapho ningenalo ikhadi lomkhuleko. . . Ngizobakhulekela nje laba abasemgqeni, ukunikhombisa nje ukuthi—ukuthi kuzoba. . . Ngi, awu. . . Khumbulani ukususa leliwashi ngaphambili. Ngingahle ngi. . . Ngizovele ngikhulekele lababantu emgqeni womkhuleko, bese kuthi-ke nguwe ozokwenza ukwehlukanisa. Vele nje—vele nje ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho.

218 Nginganitshela ngaphambi kokuba umhlangano uze uqale, ngaphambi kokuba kuqale umugqa womkhuleko:

219 Ufuna ukwedlula lokho kukhwehlela kwesifuba somoya, nenekazi na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? Uma uzoba nokukholwa futhi ungangabazi, ungedlula kukho.

220 Khona emuva lapha kukhona indoda ehlezi, futhi indoda inenkathazo yenhliziyo, kade isesibhedlela. Uma uzokholwa, mnumzane, ngayo yonke inhliziyo yakho, uNkulunkulu uzokuphulukisa. Mnu. Howard, yiba nokukholwa.

221 Mnumzane, unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo ikhadi lomkhuleko na? Ngiyisihambi kuwe, angikwazi, angikaze ngikubone empilweni yami, futhi siyizihambi uqobo. Noma ngabe Lokho kutheni, ngabe lelo yiqiniso na? Uma kuyilo, phakamisa izandla zakho. Kulungile. UJesu Kristu uyakuphilisa. Manje hamba uye ekhaya, usuphulukisiwe.

Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

Uzizwa unjani na? Kungcono manje, dadewethu na? Uzoyeka lokho kukhwehlela okudala manje, futhi uye ekhaya, uphile.

"Uma ukholwa."

222 Ucabangani, mnumzane, emuva lapho naleyonkathazo yomlenze na? Ucabanga ukuthi uNkulunkulu uyakuphilisa, futhi akuphulukise na? Umfo osemncane ohlezi lapho, ongibukayo, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? Uma ukukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungaba nakho. Amen.

Ungangabazi, kholwa.

223 Kukhona inenekazi elihlezi lapho likhulekela umyeni walo, unokuthile okungalungile ngemisipha yakhe. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzomphilisa na? Uma ukholwa, ungaba nakho okucelayo, uma uzokukholwa, ungangabazi kuyo yonke inhliziyo yakho. Sukuma, nenekazi, ukuze abantu babone ukuthi ungubani, ohlezi emuva lapho. Kulungile. Kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho.

224 Bukani ukuthi Kwenzeni kowesifazane, bukani ukuthi kwenzeni kowesilisa. Bayini na? Bangamawundlu, avumele iJuba lingene. Kuyilokho impela. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

225 Woza, nenekazi. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Noma inceku yaKhe, bengiqonde ukusho. Lokho kukhuba abanye abantu, isizathu sokuba ngisho lokho kanjalo, niyabo. Uyakukholwa na? Siyisihambi omunye komunye. Kulungile. Asikaze sihlangane ngaphambili, futhi thina, lona ngumhlangano wethu wokuqala empilweni. Manje, angikwazi, awungazi, futhi ngakho silapha okokuqala nje, sihlangana. Anginalwazi ukuthi yini engalungile ngawe, anginalwazi ukuthi kungani ume lapha. Bengi—nginga. . . Kungahle kube, ungahle ukuba uyagula, ungahle ukuba umele omunye umuntu, ungahle ube nezinkathazo zezimali, kungahle kube yizinkathazo zasekhaya, kungahle kube. . . Angazi ukuthi kuyini, uyakwazi lokho, ukuthi angazi lutho ngakho. Uma lokho kunjalo,

ngokwazi kwethu, phakamisa isandla sakho ukuze abantu babone.

226 Niyabo? Manje, nakhu la sikhona. Manje niyabo, kungukuzidedela nje. Ngizokhuluma nowesifazane. Manje, kukhona owesifazane, ngingowesilisa, futhi sisanda kuhlangana nje okokuqala empilweni, njengoJesu nowesifazane emthonjeni eSamariya, umthombo. Manje, Wakhuluma naye umzuzwana nje ukuze abambe umoya wakhe. Niyabo? Ngoba manje, kuza nje ndawo zonke, njengokushaya kwenhliziyo, ndawo zonke, nje nga—abantu.

227 Manje, angikwazi, noNkulunkulu uyakwazi futhi Uyangazi. Manje, uma uNkulunkulu ezongembulela into ethize njengoba uJesu atshela owesifazane ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. . . Uyakhumbula ngifunda leyondaba na? UJohane oNgcwele 4. Futhi Washo ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, futhi ngenkathi ekwenza, wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Siyazi, thina maSamariya, siyazi, ukuthi uMesiya uyeza, othiwa uKristu, futhi nxa Efika, Uyositshela lezizinto." Wayazi ukuthi leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya.

Futhi ngakho, futhi Wathi, "NginguYe okhuluma kuwe."

228 Wagijimela emzini futhi watshela amadoda ngakho, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini Lona impela uMesiya na?" Nabantu emzini baMkholwa ukuthi unguMesiya ngenxa yobufakazi bowesifazane.

229 Manje, lowo ngumBhalo, akusiwo na? Manje, befundisi, ngabe lowo ngumBhalo na? Kulungile. Manje niyizethameli, futhi owesifazane akadingi ukuba eze anitshele, nilapha ukuba nimbuke. Manje, uzokholwa ukuthi uMesiya, iNdodana kaNkulunkulu, esimweni sikaMoya oNgcwele ulapha, isebenza ngathi, njengoba nje Yethembisa ukwenza eBhayibhelini na? Ubungakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Khona-ke bekungaba yini ukukuvimbela na? Vele uthi, "Ngiyiwundlu laKho, Wena uyiJuba, ngiholele empilweni, Nkosi."

230 Manje, angisho ukuthi Uzokwenza. Kodwa, niyabo manje, lapha ngifanele ngisondele kulokho ngokukholwa, ngifanele ngisondele kukho ukuba ngikukholwe ngokukholwa, manje, Angahle angakwenzi. Ngoba okwesikhashana, bengifuna ukukhuluma futhi ngithi ukuzibuyisa mina uqobo futhi emibonweni eyenzeke ezethamelini. Ukuze abantu babone ukuthi bekungesiwo umugqa womkhuleko, kumbe noma yini ebingahlanganise lutho. . . nguwena laphaya. Nje, uNkulunkulu ukuyo yonke indawo. Anikukholwa na? Usezindaweni zonke.

231 Inenekazi liphethwe yisifo samathambo. Ngiyalibona lizama ukuphuma embhedeni, kubi kakhulu ekuseni kunanoma yisiphi isikhathi, lapho uzama ukuvuka. Manje, kunjalo. Uma lokho kunjalo phakamisa isandla sakho.

232 Manje, alibukeki lifana nakho, liyabukeka na? Kodwa linakho. Kuyini na? Lowo ngu—lowo ngumbono. Ngilibonile lenza okuthize, lizama, ngiyakholwa, kwakungukunyakaza embhedeni noma into ethize e . . . Manje, kunjalo.

233 Manje, hloniphani ngokuzithoba ngempela umzuzwana nje. Owesifazane udabukiswa yisizathu esithize. Bengizomedlulisa, kodwa kukhona into ethize ejule phansi le ngaleya kwalokho, ukuthi udabukile, khumbula nje . . . ngoba ngakowesifazane kukhona ukudabuka nobumnyama. O, yebo, ngomunye othandekayo, ngumyeni wakho. Futhi usesibhedlela, iSibhedlela iVeteran, edolobheni elibizwa ngokuthi iWalla Walla, iWalley Walley, noma into efana naleyo. Kunjalo. Unomdlavuza. Wena ungowase-Oregon. Igama lakho nguNkk. Leverson. Yiqiniso lelo. Uyakholwa manje, ngayo yonke inhliziyo yakho na? Khonake hamba njengoba ukholiwe, makube njalo kuwe, eGameni leNkosi uJesu.

234 Kulungile, uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Yiba nokukholwa nje. Ungangabazi. Uthi, "Nkosi, ngiyakholwa, ngakho konke okuphakathi kwami ngiyakholwa." Bangaki okholwayo manje ngayo yonke inhliziyo yakho na?" Manje, yini eyenza lokho na? IJuba, iJuba. Manje, hlonipha ngokuzithoba. Kholwa nje. (Ngabe lesi yisiguli esilandelayo na?)

Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu . . . ? Uma ngingashongo neyodwa into kuwe, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyokuphulukisa na? Woza lapha.

EGameni likaJesu Kristu, lona wesifazane makaphulukiswe ngenxa yenkazimulo yaKho. Amen.

Manje kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Yiba nokukholwa.

Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uma ngingashongo neyodwa into kuwe, ubuyolokhu ukukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na?

EGameni likaJesu Kristu, lendoda mayiphulukiswe. Amen.

235 Woza ukholwa. Manje, uyazi ukuthi ngiyazi ukuthi yini engalungile kuwe, kodwa uma ngingashongo lutho, ubuyokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Ake ngikukhombise okuthize nje. Woza lapha umzuzu. Beka isandla sakho kwesami. Nga*le*ndlela, beka nje isandla sakho sinqamule. Unenkathazo yamanenekazi, inkathazo yabesifazane. Uyabo, angizange ngikubambe lokho embonweni, ngikubambe kusukela *lapha*.

236 Ake ngikukhombise okuthize. Manje bukani isandla sami manje. Njengesandla somuntu esijwayelekile nje, akunjalo na? Lapha, manje thatha *lesi*sandla, ubeke *lesi*sandla ngapha phezu kwaso. Kuseyindlela efanayo. Manje shintsha iduku lakho,

ulibeke ngapha. Manje akusenjalo. Siphenduka sibe bomvu, sivuvukele, izinto ezincane ezimhlophe zigijima phezu kwaso. Manje ngisusa nje isandla sakho, ngizobeka isandla sami sinqamule nje ngendlela efanayo. Akusengaleyondlela manje. Manje beka nje *leso*sandla emuva ngqo sinqamule lapho futhi, ka*njalo*. Nakho futhi.

237 Manje, niyazi kukhona okwenzekayo lapho. Bese-ke ingxenye eyimfihlakalo, iyakutshela ukuthi yini engalungile kuwe. Manje, ngombono bengingakwenza, uma iNkosi ibiyokwenza khona manje, bengingabiza umbono, futhi, ubunga, ucele uNkulunkulu ukuba, bekungaqhubeka nje kuqhubeke. Manje, bhekisisa lokhu umzuzu nje. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje, ukuthi uzophulukiswa na?

Nkosi, hawukela owesifazane.

238 Ngiyala lesi sitha, ngeGama likaJesu Kristu, ngiyasikhipha, phuma kuye!

239 Manje bukani isandla manje. Kukhona okwenzekile, akwenzekanga na? Manje buka, beka *lesi*sandla manje, ngendlela nje owenze ngayo. Manje ngibeka isandla sami phezu. Akushintshi nakancane. Manje ake ngibe na*lesi*sandla futhi. Kukhona okwenzekile, akwenzekanga na? Uphulukisiwe. Kuyilokho-ke, uyabo.

240 Yilokho kuphela, kungaleyondlela nje. Akamangalisi na? Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

Manje, uma ngingasho-zwi, ngibeke izandla phezu kwakho, uzokholwa na?

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi indoda ingaphulukiswa.

Woza, mnumzane.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi indoda ingaphulukiswa.

241 Woza, dade. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Ngabe udabukile na? Uyakholwa ukuthi uzophulukiswa na? Uyakholwa? Kulungile. Futhi uyakukholwa lokho... Ngabe ungumSpenishi na? [Udade uthi, "NgingumJapane uhhafu nomSpenishi uhhafu."—Umhl.] O, umJapani nani na? ["umSpenishi."] UmSpenishi nomJapane. E-hhe. Kulungile. Ngabe wazalelwa lapha na? ["EMexico."] O, ngiyakuthanda ezansi lapho, kuhle kakhulu. U—uyayithanda iNkosi na? Ucabanga ukuthi isifo sikashukela asisekho, futhi ungaya ekhaya, uphile manje na? Kulungile. Khona-ke qhubeka, futhi uphile. Yiba nokukholwa nje. UNkulunkulu akubusise.

242 Uma ngingashongo lutho, ubuyokholwa ukuthi uphulukisiwe, empeleni, ubungeke na? Ubuyokholwa na? Kodwa ufuna i—inkathazo yeqolo ikushiye, futhi, ukuze uphile.

EGameni leNkosi uJesu, yipha, Nkosi, ukuthi aphulukiswe.

Hamba manje, futhi ukholwe ukuthi izinso zakho zizoba kahle, futhi uzophila.

243 Kulungile, isizathu sokuthi bekunamandla kakhulu lapho, iqolo lakho, futhi, belikukhathaza, ngakho . . . Kunjalo. Ngakho, uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje na? Uma ubuzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungahamba futhi uphulukiswe eGameni likaJesu.

244 Kulungile. Woza. Manje, uyazi ngiyazi ukuthi yini ebingalungile ngawe. Ngakho, uyakholwa ukuthi bengingakutshela na? Unezinto eziningana ezingalungile, kodwa into enkulu ofuna ikhulekelwe isifo sakho samathambo. Manje qhubeka uphile. Yithi nje, "Ngiyabonga, Nkosi Jesu."

245 Manje, uyazi ukuthi ngi—ngiyazi ukuthi yini engalungile ngawe. Kodwa uma ngikutshela into yakho enkulu ofuna ngiyikhulekele, kungakusiza na? Inkathazo yakho yenhliziyo. Hamba nje ukholwe, futhi uzophulukiswa. Yiba nokukholwa nje, ungangabazi nhlobo.

Uyabona ukuthi ngiqonde ukuthini, mngane na? Ngumbono, kodwa, o, lokho kucishe kukubulale nje. Uyabo? Uyakholwa ukuthi Ulapha na? Impela, Ulapha. Manje asikhuleke.

Woza, dade.

EGameni likaJesu, kwangathi angaphulukiswa. Amen.

Hamba ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

246 Manje, mnumzane, ufanele ube nokukholwa, uyakwazi lokho, ukuthi umdlavuza ubungakubulala. Kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa kulowomdlavuza, futhi uzophila na?

Ngiyawuyala lowomdlavuza, eGameni likaJesu Kristu, ukuba uphume kuye! Amen.

Hamba ukholwa manje.

247 Futhi uma uzoba nokukholwa futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, awuzukufa ngenkathazo yenhliziyo, uzophila. Uyakukholwa na? Kulungile. Hamba ukholwa, uthi, "Mayibongwe iNkosi."

Kulungile. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

EGameni leNkosi uJesu, kwangathi angaphulukiswa. Amen.

Kholwa manje.

Ngomncane na? Uma ngibeka izandla phezu kwakhe, uzophila na?

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi ingane ingaphulukiswa. Amen.

Ungangabazi, kuzolunga, yiba nokukholwa.

Bakithi! Mfowethu, ufanele ukholwe, kungenjalo kuzo—kuzodla phakathi ngqo. Kodwa uyakholwa ukuthi kuzolunga na?

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi, udeveli ayishiye indoda. Amen.

Yiba nokukholwa, kholwa.

Uyamkholelwa manje, mnumzane na? Woza lapha, mfana omncane.

248 Nkosi, phulukisa umfana omncane. Siphe khona, njengoba ngimgona ngezingalo zami, futhi ngibeka izandla phezu kwakhe esikhumbuzweni salokho uJesu akwenza kubantwana abancane. Kwangathi angaphulukiswa, eGameni likaJesu. Amen.

Manje, hamba futhi ungangabazi, futhi uzophila.

Kulungile. Woza, mnumzane.

Baba Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzoyiphulukisa lendoda. Kwangathi lesisimo singayishiya, eGameni likaJesu. Amen.

Yiba nokukholwa. Manje kholwa nje ngakho konke okukuwe.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi udadewethu angaphulukiswa. Amen.

Kulungile. Woza, mnumzane. Uzokholwa na?

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi umfowethu angaphulukiswa. Amen.

Yiba nokukholwa manje, ungangabazi, kholwa ngenhliziyo yakho yonke.

Kulungile, woza, nenekazi.

249 Nithule ngani na? Niyazi ukuthi uNkulunkulu ubusisa nje ngamunye na? Uma ngingakucabanganga, bengiyobamisa. Niyabo? Kuqhubeka ngokufanayo nje. Kungukuthi nje, wena—wena... Niyabo, into yakho ingukuthi, niyabo, lapho... Bangaki owaziyo ukuthi kuzofanele kubekhona Into ethize ngaphandle koMfowethu Branham enza lokho na? Phakamisa isandla sakho. Uyazi bengingeke ngikwenze. Awu, khona-ke kukhona uhlobo oluthile logcobo lapha. Ngabe kunjalo na? Niyakukholwa ukuthi kuyilokho iBhayibheli elakusho na? Niyakukholwa lokho na? Awu khona-ke, ngabe lowoJesu ofanayo owenza lesosithembiso, leloJuba elifanayo, Akashongo yini ukuthi, "Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda"?

250 Umbono ucishe impela nje, ucishe impela ungibulale nje. Niyabo? Bangaki oqonda ukuthi iBhayibheli lifundisa lokho na? Ngani, impela, noma ubani owazi iBhayibheli uyakwazi lokho. Nje ku, angikwazi ukumela ngamunye. Kodwa uma ukwenza, ufanele wazi ukuthi uNkulunkulu uyafana nje, u—u—uMoya oNgcwele ngenkathi Ekhuluma kimi phezulu lapho (Uma nje

nizonginika isikhathi somzuzwana ukuba ngizibuyisele emuva kancanyana.), Wathi, “Wazalelwa ukuba ukhulekele abantu abagulayo, ukuzalwa kwakho okuyinqaba.”

251 Lokho kuKhanya, enikubona kulesosithombe kwakulenga phezu kombhede wami wengane ngenkathi ngizalwa. Ngazalwa otshanini botshani obuncane obomile kunomcamelo wamakhoba. Umama wami wayeneminyaka eyishumi nanhlanu ubudala, ubaba wami wayeneshumi nesishiyagalombili. Ngehora lesihlanu nqo ekuseni, babengenafastela endlini, babenomnyango omncane. Angazi noma sewake wabona... Bangaki kini abake babona elinye lalawo amancane, njengokuthi, kufanele kufane nefasitela, kodwa nje ngumnyango omncane owuvulayo.

252 Na—naleyoNgelosi kaNkulunkulu, ngelesihlanu nqo ekuseni, ngo-Apreli ziyi 6, ngo 1909, ngelesihlanu nqo ekuseni, yangena ngqo yase ima phezu kwalowombhede omncane lapho engangilele khona. Babengazi ukuthi yini...Abantu bakithi ngaphambi kwami babeyiKatolika, futhi ngakho, kwakungekho mabandla amaKatolika enhla lapho, futhi ngakho bangithatha bangiyisa ngale ebandleni elincane leBaptisti, futhi lapho ngenza ukuvakasha kwami kokuqala ebandleni. Ibandla leBaptisti libizwa ngeBandla i-Opossum Kingdom Baptisti, iBandla i-Opossum Kingdom Baptisti. Futhi yilapho engenze khona ukuvakasha kwami kokuqala ebandleni. Nalapho sengineminyaka emibili nje ubudala, umbono wokuqala uyafika, kusukela kulokho uyavela, uqhubeke, uqhubeke, uqhubeke, futhi sengineminyaka engamashumi amahlanu nanye ubudala manje. Ngakho, niyabo, yi—yimibono.

Ngenkathi Engitshela, Wathi, “Wazalelwa lenhloso, ukukhulekela abantu abagulayo.”

Ngathi, “Ngeke bangikholwe.”

253 Wathi, “NjengoMose wanikwa izibonakaliso ezimbili, unikwa izibonakaliso ezimbili.” Wathi, “Esinye sazo, vele ubambe abantu ngesandla futhi ungasebenzisi ukucabanga kwakho,” niyabo, wathi, “futhi uzotshelwa ukuthi yini engalungile.”

254 Awu, ngakwenza lokho, ngabhekisisa ukuthi izinto zahamba kanjani isikhashana, ngibhekisisa abantu. Kwase kuthi-ke, nginitshelile ukuthi lokhu okunye kuzokwenzeka, manje niyabona kuyenzeka. Manje, into elandelayo iyangena, niyabo, mhlawumpe konke ikakhulukazi kube phesheya kwezilwandle, ngoba ngiyakuzwa kudonsa phesheya kwezilwandle.

255 Kodwa manje, ukuze nazi ukuthi KunguNkulunkulu, NguYe...Ku...Mfowethu, dadewethu, lowombono, leyoNgelosi, uNkulunkulu eZulwini uyazi ukuthi lokho kuyiqiniso. Bekungangisiza ngani ukuma phandle lapha, ngitshela nina bantu lezizinto na? A—angikhokhelwa ngakho,

niyakwazi lokho, ibandla lami liyangikhokhela. Iminikelo yami yothando yimishini yaphesheya kwezilwandle, mina, buzani unobhala lapha, mina, kunjalo, niyabo, angiwuboni neze, uya phesheya kwezilwandle, ngiwelela lapho ukuyoshumayela iVangeli, ngale kwamanye amazwe.

256 Izindleko zikhokhiwe, abazalwane, usihlalo nabo bangakutshela, angiyitholi imali. A—anginayo. Ngithola ikhulu lamadola ngeviki ebandleni lami. Awu, ngithola lokho nje ngihlala ekhaya, ngiyodoba nsuku zonke, nokwelusa ibandla ngoLwesithathu ebusuku nangeSonto ekuseni, niyabo, etabernakele elidadlana leBaptisti. Lokho . . . Akusiyo imali.

257 Uma kuqhubeka, kube yimali, bengingaba ngusozigidi, ukuba ngangifuna ukuba nguye. Nga—nganikwa isigidi, amadola ayizinkulungwane ezingamakhulu amahlanu emnikelweni owodwa, kanye, hhayi yonke . . . kumuntu oyedwa. Kunjalo. Izikhulu ze-FBI zaliletha kimi. Ngathola uphisi ephepheni nezinto. Ngathi, "Ngiyenqaba ngisho nokulibuka." Ngathi, "Bengingeke ngibe nalo. Qhabo, mnumzane. Angilifuni."

258 Ngakho ngimeleni phandle lapha na? Kungani ngingekho ekhaya nginomndeni wami nakho konke, kungcono kakhulu, futhi baphile impilo enjalo esikhundleni sokusuka emndenini, nokushikashikeka, nokukhandleka, nokukhala, nokudonsa, nokuncenga na? Yingenxa yokuthi nginokuyalwa, ngifanele ngikwenze.

259 Izikhathi eziningi, abangabazi, abantu besukuma, na—na—nabantu bethi, "O, akulutho kukho," lokho—lokho yinqwaba kakhulu . . . lokho kuzwisa ubuhlungu, niyabo.

260 Kodwa nje ngokufanayo, ukuthi, angiceli umbhede wembali wokukhululeka, ngikulindele. Yebo, mnumzane. "Ngifanele ngilwe, uma ngifanele ngibuse." Yebo, mnumzane. Ngifanele ngikwenze, iNkosi yethu yakwenza. Ngakho ngilapha ukuzama ukunisiza. Futhi okungcono kunakho konke engikwaziyo ukuthi kanjani, ngizama ukunisiza.

261 Futhi ngiyacela ningikholwe, uma ngikhuluma noma yini, noNkulunkulu uyakusekela futhi athi kuyiqiniso, iBhayibheli lathi "muzweni, ngoba Nginaye." Ngabe kunjalo na? Manje, ngiyanitshela ukuthi ngamunye wenu angaphulukiswa, usuvele uphulukisiwe, uma nje ukuvuma. Kunjalo.

262 Manje, ubani olandelayo na? Lona wesifazane lapha na? Lapha. Njengokuthi, lelinenekazi lapha . . . Manje buka, nenekazi, siyizihambi omunye komunye. Angikwazi, kodwa uyazi ukuthi ngiyazi ukuthi yini engalungile ngawe. Uma ngingashongo lutho ngakho, nokho, uyakholwa ukuthi ubuyophulukiswa, empeleni na? Uyakholwa na? Leyo yi—leyo yindlela yokukukholwa, yileyondlela.

263 Unezifo ezelakanyanayo, izinto eziningana ezingalungile ngawe. Kunjalo. Uyaqina emalungeni akho, bekungaleyondlela isikhashana impela. Ngibona ukuphahlazeka, noma, o, yingozi yemoto ebangele lokho. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Ngabe yiqiniso lelo na? Phakamisa isandla sakho, uma lokho kuyiqiniso? Niyabo? Kungukuthi, Unguye nje izolo, namuhla, naphakade. Awukukholwa lokho na?

EGameni likaJesu, hamba futhi uphiliswe, dadewethu. Amen.

Woza, mfowethu.

EGameni likaJesu, hamba futhi uphiliswe. Amen.

Woza, dadewethu.

EGameni likaJesu, makuthi umoya okimi ugcobe owesifazane, Nkosi. Nkulunkulu, eGameni likaJesu, kwangathi bangaphulukiswa. Amen.

Woza, mfowethu.

EGameni likaJesu, kwangathi angaphulukiswa… [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

264 …uzokukholwa, khona-ke inkathazo yakho yeqolo izohamba, isifuba somoya sakho sizohamba. Uyakukholwa lokho na? Unomkhuba ofuna ukuwushiya, ukubhema osikilidi. Uyabayeka na? Ngenhliziyo yakho yonke na? Uma ngikutshela ukuthi ungubani, uzocabanga ukuthi sekuhambe ngempela khona-ke, ngeke na? Mnu. Cunningham. Hamba ngendlela yakho futhi uthokoze, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi." Phulukiswa.

Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Manje, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, nonke nina phakathi lapha.

O Juba, woza Juba, yehlela phezu kwamawundlu aKho, Nkosi.

O, mawundlu, holwani yiJuba, niphiliswe.

265 Sathane, wehluliwe, abantu uzokuqonda emva kwesikhashana, ukuthi wena wehluliwe, awunakubababamba. UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ilapha, futhi Wakwehlula, uhluliwe, uhlulwe iminyaka eyizinkulungwane ezimbili. Phuma kubo eGameni likaJesu Kristu!

